

Iqoqo Lezindaba

ISIZULU

ULIMI LWASEKHAYA

ITHEMU 1 & 2



IBANGA 1





Iqoqo Lezindaba

IBANGA 1 | ITHEMU 1 & 2

ISIZULU

**Copyright © 2026 National Educational
Collaboration Trust (NECT)**

This work is licensed under a **Creative Commons
Attribution–NonCommercial–NoDerivatives 4.0
International License (CC BY-NC-ND 4.0)**.

Additional permissions beyond the scope of this license
may be available. For further information, please
contact the publisher at **materials@nect.org.za**.

First edition, 2026



ITHEMU 1



IBALAZWE LASENINGIZIMU AFRIKA



iNorthern Cape




Incwadi
kaNhlakanipho
entsha



iWestern Cape



Ulwandle
i-Atlantic



Ubhithrudi
omkhulu kakhulu



Uswane
lwakubo kaTseko



iMpumalanga

iNorth West

iGauteng



Usuku lokuqala
luka-Olwethu

iFree State



UMusa ujwayela
ukufunda

iKwaZulu-
Natal



Ibhele
ligundiwe



i-Eastern Cape




Ulwandle
lwaseNdiya

IBALAZWE LOMHLABA





i-Asia



Umngani
engibhalelana
naye, uLi Wei



Ulwandle
iPacific

iYurophu



i-Afrika



Ulwandle
lwaseNdiya



i-Australia



i-Antarctica

ITHEMU I IZINDABA



1. Usuku lokuqala luka-Olwethu

1



2. Umngani engibhalelana naye, uLi Wei

13



3. Ibhele ligundiwe

25



4. Uswane lwakubo kaTseko

37



5. Incwadi kaNhlakanipho entsha

51



6. UMusa ujwayela ukufunda

65



7. Ubhithrudi omkhulu kakhulu

79



8. Kungani ilama lihlala endaweni ephakeme

93

INDABA 1

USUKU LOKUQALA

LUKA-OLWETHU

Indikimba: Siya esikoleni



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuqonda kangcono ukuthi ingcindezi ibukeka futhi izwakale kanjani.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Umndeni ka-Olwethu waqaphela izinyembezi zakhe wase ubona ukuthi akajabulile.
- U-Olwethu wazizwa esengcono ngenxa yokwesekelwa umndeni wakhe. Ngosizo lwawo, uzokwazi ukubhekana nokwesaba kwakhe ukuyoqala isikole.
- U-Olwethu waqala egcwele ukwesaba kodwa wagcina esesithanda isikole. Kwesinye isikhathi, siyakhathazeka ngezinto ezintsha, kodwa zisuke zingezimbi njengoba sicabanga.



Isu lokuqondisisa: Yenza ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
3, 1	Maduzane nje, u-Olwethu uzoya esikoleni okokuqala ngqa. U-Olwethu unexhala impela. Akasakwazi nokulala. Akasakwazi nokudla.	Kwesinye isikhathi kuyethusa kakhulu ukuzama into entsha uqala ukuyenza. Ngiyawukhumbula umuzwa engaba nawo ngaphambi kosuku lwami lokuqala njengothisha. Ngangethukile kakhulu ngaze ngangakwazi nokulala.
10, 1	Ekugcineni, kwase kuyisikhathi sokuya ekhaya! “Angifuni ukuya ekhaya!” kukhala u-Olwethu.	Ngingazixhumanisa nalokhu. Kwesinye isikhathi, ukwenza into entsha kunzima futhi kuyethusa kakhulu. Kodwa-ke kusuke kungekubi njengoba besicabanga.

Maduzane nje, u-Olwethu uzoya esikoleni okokuqala ngqa. U-Olwethu wayegcwele ukwethuka. Wayengasakwazi ukulala kanye nokudla.



Kwathi sekusele izinsuku ezintathu ngaphambi kokuvulwa kwezikole, ugogo ka-Olwethu waya naye ezitolo eyomthengela umfaniswano, izicathulo zesikole kanye nezinto zokubhala. Ngokuvamile u-Olwethu wayekuthanda ukuya ezitolo.

“Angifuni ukuhamba,” u-Olwethu wakhala etekisini indlela yonke eya edolobheni.

“Kungani ungafuni? Ngokuvamile uyakuthanda ukuya ezitolo!” kusho ugogo.

“Angifuni ukuya esikoleni. Angifuni ukuba kude nawe usuku lonke!” kusho u-Olwethu.

“Musa ukwesaba!” kusho ugogo. “Ngizobe ngikhona nsuku zonke uma ufika ekhaya!”



Sekusele izinsuku ezimbili ngaphambi kokuvulwa kwezikole. UZinzi, udadewabo ka-Olwethu omdala, wamsiza ngokupakisha izinto zokubhala, bazifaka esikhwameni sakhe esisha sezincwadi.

“Angifuni ukupakisha isikhwama sami sesikole,” kukhala u-Olwethu.

“Kungani ungafuni? Unesikhwama esisha esihle kanye nazo zonke izinto ezintsha ezinhle zokubhala!” kusho uZinzi.

“Angifuni ukuya esikoleni. Angifuni ukuba sesikoleni usuku lonke!” kusho u-Olwethu.

“Ungesabi!” kusho uZinzi. “Ngizoba nawe nsuku zonke!”



Izikole zizovulwa ngakusasa, unina ka-Olwethu umkhombisa indlela yokupholisha izicathulo zakhe ezintsha.

“Angifuni ukugqoka lezi zicathulo!” kukhala u-Olwethu.

“Kungani ungafuni? Ngokuvamile uyazithanda izicathulo ezintsha!” kusho unina ka-Olwethu.

“Angifuni ukuya esikoleni mina. Ngifuna ukuhlala ekhaya, ngidlale kuze kushone ilanga!” kusho u-Olwethu.

“Ungesabi!” kusho unina. “Ungadlala ngesikhathi sekhefu nangemuva kokuphuma kwesikole!”




Selufikile usuku lwamanqamu lokuya esikoleni kuka-Olwethu. U-Olwethu ugqoka umfaniswano wakhe omusha. Uhlanzekile futhi u-ayinwe kahle. U-Olwethu uvala uziphu wesikhwama sakhe esisha qede usiteta emhlane. Sizwakala sisinda. U-Olwethu ugqoka izicathulo zakhe ezintsha. Ziyacwebezela impela! Nangu esezibuka esibukweni. Ubukeka ekulungele ukuya esikoleni. Nokho, akazizwa elulungele usuku lwanamuhla!

“Asihambe,” kusho uZinzi.



“Angifuni ukuhamba!” u-Olwethu uhamba ekhala indlela yonke eya esikoleni.




Kuthi uma kukhala insimbi, angene ekilasini lakhe elisha. Uthisha wakhe amkhombise indawo okufanele ahlale kuyo - eduze kwentombazanyana elungise izinwele zafana ncamashi nezakhe! Kwahlangana amehlo. Bamamatheka bobabili.

Uthisha wabafundisa iculo elisha. Emuva kwalokho base bedweba imifanekiso yemindenani yabo.



Ekugcineni, kwase kuyisikhathi sokuya ekhaya!
“Angifuni ukuya ekhaya!” kukhala u-Olwethu.





Ukufunda 1

Le ndaba ikhuluma ngobani?

Ikhuluma ngo-Olwethu.

Waya kuphi u-Olwethu okokuqala?

Waya esikoleni.

Kungani u-Olwethu wayengafuni ukuya esikoleni?

- Wayengafuni ukuya esikoleni ngoba wayesaba.
- Wayengafuni ngoba wayengakaze aye esikoleni ngaphambilini.
- Wayengafuni ngoba wayefuna ukuhlala ekhaya noninakhulu.
- Wayengafuni ngoba wayefuna ukudlala usuku lonke.



Ukufunda 2

Ngubani owasiza u-Olwethu ukulungiselela usuku lwakhe lokuqala esikoleni?

Ugogo, udadewabo omdala uZinzi kanye nonina.

Wazizwa kanjani u-Olwethu ngesikhathi sekufanele aye ekhaya uma kuphuma isikole?

Wazizwa ekhathazekile/ Wayengasafuni ukubuyela ekhaya!

Kungani u-Olwethu wayengasafuni ukubuyela ekhaya esiphethweni sendaba?

- Wayengasafuni ukubuyela ekhaya ngoba wasithanda isikole!
- Wayengasafuni ngoba wathola umngani.
- Wayengasafuni ngoba kwakumnandi.
- Wayengasafuni ngoba kwakumnandi, ngakho-ke wayengafuni usuku luphele.



INDABA 2

UMNGANI ENGIBHALELANA NAYE, ULI WEI



Indikimba: Siya esikoleni



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika kanye naseChina.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi babone ukuthi abantu abaphila kwamanye amazwe baphila ngendlela efana neyabo baphinde behluke kwezinye izindlela.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Izingane emhlabeni jikelele ziya esikoleni futhi zidla isidlo sasemini esikoleni.
- Izingane emhlabeni jikelele, zifunda futhi zidle izinto ezehlukile kulezo ezifundwa futhi zidliwe ezaseNingizimu Afrika.
- Umngani enibhalelana naye yilowo enixoxa naye ngokubhalelana izincwadi. Lokho kulisiza sifunde ukuthi ezinye izingane ziphila kanjani emazweni akude.
- Umxoxi wendaba umuntu osixoxela ngokwenzakala endabeni.



Isu lokuqondisisa: Yenza ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
15, 1	Ngosuku lwami lokuqala esikoleni, uthisha wami wasitshela ukuthi sizoba nabangani esibhalelana nabo baseChina.	Ngiyakwazi ukwenza ukuxhumanisa kule ndaba: Usuku luka-Olwethu lokuqala. Iphathelene nosuku lomxoxi lokuqala esikoleni, njengoba noluka-Olwethu lokuqala lwalunjalo.
20, 3	“Kunzima kithina ngoba asikaze sizisebenzise. Izingane zaseChina zona ziyakwazi ukudla irayisi ngezinti zokudla,” kwasho uthisha.	Ngiyakwazi ukuzihlanganisa: Ngesinye isikhathi sidla irayisi ngesidlo sasemini, njengoba nezingane zaseChina zilidla. Thina silidla ngezindlela ezehlukile - sisebenzisa imfologo noma isipuni, kodwa izingane zaseChina zisebenzisa izinti zokudla.

Ngosuku lwami lokuqala esikoleni, uthisha wami wasitshela ukuthi sizoba nabangani esibhalelana nabo baseChina. Wabe esesikhombisa isithombe sekilasi esizoba abangani ababhalelana nalo. “Usuku lwabo lokuqala lwesikole lwalungo Mandulo” wasichazela, “ezethu izikole zivula ngoMasingana kodwa eChina zivula ngoMandulo kuze kube uNtulikazi!”




Uthisha wabe esesikhombisa iChina ebalazweni.
“IChina yizwe eliyinxenye ye-Asia,” wabe esechaza,
“izwekazi elehlukile lelo. Thina siphila ezwenikazi lase-
Afrika.”



UZinzi wabe esephakamisa isandla ebuza, “Bafunda ngani abafundi baseChina?”


Uthisha wami wayengenasiqiniseko, wabe esevula ikompyutha yakhe efuna ulwazi ku-Internet. Wabe esesifundela amaphuzu esiqeshini asithola. “Ábafundi bamabanga aphantsi bafunda ulimi lwesiChina, IsiNgisi, Izibalo, Isifundo sokuzivocavoca, Umculo, Ezamaciko, Ezemvelo neZemibhalo,” wasifundela.




Uthisha wami wasikhombisa isithombe samanye amagama abhalwe ngolunye lwezilimi zaseChina, okuyi-Mandarin. Wabe esesichazela ukuthi kulo nyaka sizofunda isiZulu. Sizofunda izinhlamvu ezingama-26 zokufunda nokubhala ngolimi lwethu. Kodwa-ke ezilwimini zaseChina, igama negama linophawu olukhethekile, ngakho-ke abafundi kumele bafunde izinkulungwane zalezi zimpawu.



Emva kwalokho, uthisha wami wabe esefuna ulwazi ku-Internet wathola i-video yabafundi baseChina bezivocavoca ekuseni. Sabukela amakhulu ngamakhulu abafundi bemi ngemigqa ehlelekile bezivocavoca belandela umculo okhalela phezulu. Uthishanhloko wabe esebala ngolimi lwabo, “Yi, er, san, si,” (1, 2, 3, 4) ukubasiza ukubamba isigqi.



“Bhekani lapha” kwasho uthisha wami, ephakamisa izinti ezincanyana ezimbili. “Lokhu kubizwa ngokuthi izinti zokudla” wasitshela. “Thina sidla ngezandla noma ngemfologo, ummese kanye nesipuni. EChina kodwa izingane zidla isidlo sasemini ngalezi zinti.”



Uthisha wabe esetshela uKagiso ukuthi azame ukuphakamisa amatshana ngalezi zinti.

Sahleka sonke simbukela ezama.

“Kunzima kithina ngoba asikaze sizisebenzise.

Izingane zaseChina zona ziyakwazi ukudla irayisi ngezinti zokudla,” kwasho uthisha.

Ekilasini lami, yikhona siqala ukufundiswa ukufunda.
Uthisha wami wasitshela ukuthi siye emakhaya
nezincwadi ukuze sizifunde nabazali. Wasitshela
ukuthi abazali bethu bangasisiza ukubhala ezethu
izincwadi bese sithatha izithombe sizithumela.
“Kodwa ngasekupheleni konyaka, niyobe senizibhalela
ezenu izincwadi. Umgomo esizibekele wona lowo!”



Ekugcineni, wasinikeza ngamunye incwadi evela kubangani esibhalelana nabo. Ngayivula imvilophu ngathola incwajana, kanye nesithombe somngani omusha esibhalelana naye!





Ukufunda 1

Ufunda kuphi umxoxi wendaba?

Umxoxi wendaba ufunda eNingizimu Afrika.

Ungowakuphi umngani obhalelana nomxoxi wendaba?

Umngani obhalelana nomxoxi wendaba ungowaseChina.

Ungalenza uxhamaniso nezingane zesikole zaseChina? Yini eninayo efanayo?

- Siya esikoleni.
- Kwesinye isikhathi sidla irayisi ngesikhathi sesidlo sasemini.
- Sifunda isiNgisi neZibalo.
- Siyazivocavoca.
- Sifunda ukufunda nokubhala.



Ukufunda 2

Izingane zaseChina zisebenzisa ini ukudla isidlo sasemini?

Izingane zaseChina zisebenzisa izinti zokudla ukudla isidlo sasemini.

Ungazizwa kanjani ngokuba nomngane enibhalelana naye izincwadi, njengomxoxi wendaba?

Ngizozizwa... ngoba...

Yiziphi izinto ezihlukile mayelana nesikole saseNingizimu Afrika nesaseChina?

- Izingane zaseChina ziqala isikole ngoMandulo..
- Izingane zaseChina zifunda ezinye izifundo ezahlukeni – njengombhalo wobuciko kanye nezemvelo.
- Izingane zaseChina zifunda izinhlamvu zokufunda nokubhala ezehlukile kunezethu..
- Izingane zaseChina zizivocavoca ndawonye ekuseni .
- Izingane zaseChina zisebenzisa izinti zokudla.



INDABA 3 IBHELE LIGUNDIWE

Indikimba: Imindeni yethu



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukubona ukuthi kuyaba khona ukungaboni ngaso linye kubantu abathandanayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- UJosh ubecabanga ukuthi uyasiza futhi ubonisa umusa ngokugunda uboya bukathedi. Ufuna ukwenzela udadewabo okuhle emva kokuthi ethe uthedi wakhe “usegugile”.
- UMarie kwamcasula ukubona uboya bukathedi bugundiwe.
- Le ndaba ibonisa ukuthi kwesinye isikhathi abantu abaphenduli ngendlela esilindele ukuthi baphendule ngayo. Abantu kungenzeka bangaboni ngaso linye.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
29, 4	“Ngicabanga ukuthi uMarie uzomangala! Uzocabanga ukuthi uthole ibhele elisha!” kucabanga uJosh.	Ngingaphetha ngokuthi uJosh uzama ukwenzela udadewabo okuhle. Umzwile uma ethi uThedi usegugile, lokho kumenze wacabanga ukuthi kuyomjabulisa uma esebukeka emusha.
34, 1	UJosh wangena egunjini, ephethe ibhantshi elincane eliluhlaza okwesibhakabhaka. “Ngikhiphe lokhu kwelami ibhele,” kusho uJosh. “Ngicabanga ukuthi elakho ibhele lidinga ibhantshi ukwedlula elami.”	Ngingaphetha ngokuthi uJosh uphatheke kabi manje usefuna ukusiza udadewabo ukuthi azizwe engcono. Yingakho emnika ibhantshi likathedi wakhe.

Ibhele likaMarie bekuyilo lodwa elibalulekile analo. Waqala ukulala nothedibhe wakhe okhethekile kusukela esewuswane oluncane. Njalo ebusuku, wayegona ibhele elithambile. Uma edumele, wayegona ibhele lakhe elithambile. Uma esekhaya, uMarie wayehlala njalo ephethe ibhele lakhe.

Ibhele bekuyithoyizi elibalulekile umama ayengavumi ukuthi abanye badlale ngalo. Nokho uMarie wayeyintombazane endala enomusa – njalo wayemvumela uJosh osemncane ukuba abambe aphinde adlale ngebhele.



Ngenye intambama, uMarie noJosh bedlala, uJosh wezwa uMarie ekhuluma nebhele lakhe.

“Usugugile,” esho ehleka. Wayeselanga ibhele lakhe.
“Kodwa ngikuthanda unjalo!”



Ngosuku olulandelayo, ngenkathi uMarie esesikoleni, uJosh wathola isikelo ekhishini.

“Nginecebo!” kucabanga uJosh. UJosh ubecabanga ngebhele likaMarie eligugile. “Ngingalenza ibhele likaMarie libukeke lilisha sha!” kucabanga uJosh.

UJosh wathatha isikelo wagunda bonke uboya okhakhayini lwebhele.



“Ngicabanga ukuthi uMarie uzomangala! Uzocabanga ukuthi uthole ibhele elisha!” kucabanga uJosh.

UJosh walinda isikhathi eside ukuthi uMarie afike ekhaya evela esikoleni. Wayelangazelela ukuzomkhombisa amenzele khona!

Nokho-ke kuthe uma uMarie efika ekhaya wabona ibhele lakhe, wethuka. “Kwenzekeni ebheleni lami?” kubuza uMarie ethethisa uJosh. UJosh waphakamisa isikelo, emamatheka.



“Bengikwethembile! Kungani wonakalise uthedi wami okhethekile?” kukhala uMarie.

“Ngiyaxolisa!” kumemeza uJosh. “Bengicabanga ukuthi ngishintshe ibhele lakho elidala libe lisha!”

UMarie waphuma egijima egunjini, ekhala.



UJosh wahlala yedwa. “Bengicabanga ukuthi uMarie uzoyithanda indlela entsha engigunde ngayo ibhele!” kucabanga uJosh, edidekile.

UMarie waya kunina. Wakhapha ibhele lakhe ukuze unina alibone. “Bheka ukuthi uJosh wenzeni. Umoshe uthedi wami! Angisamfuni lo thedi omubi kangaka!” Wakhala. Walahla ibhele phansi.



Umama wabiza uMarie ngemuva kwesikhathi.

“Ngibuhlungu ngokuthi uJosh agunde uboya bebhela kungenasidingo!” kusho umama. “Kodwa yibhele elilimele,” kuchaza umama.

Umama wabuyisela uthedi kuMarie ethwele isigqoko esisha esibomvu. “Isigqoko sivala uboya bukathedi obugundwe kabi,” kusho umama, emamatheka. “Futhi, ubukeka emuhle!”



UJosh wangena egunjini, ephethe ibhantshi elincane eliluhlaza okwesibhakabhaka. “Ngikhiphe lokhu kwelami ibhele,” kusho uJosh. “Ngicabanga ukuthi elakho ibhele lidinga ibhantshi ukwedlula elami.” Wanika umama ibhantshi eliluhlaza okwesibhakabhaka, waligqokisa ibhele.



UMarie wayelokhu ethukuthele, kodwa wathatha ibhele waligona. “Ngiyaxolisa ngokuthi ngithe umubi! Ngiyakuthanda noma ngabe ubukeka kanjani,” kusho uMarie. Wayeselanga kakhulu ibhele.





Ukufunda 1

Wawumosha kanjani uJosh uthedi kaMarie?

Wagunda uboya bukathedi.

Umama wenzani ukuze azame ukulungisa uthedibhe?

- Umama wathwesa ibhele isigqoko esibomvu wase ewugqokisa nebhantshi eliluhlaza okwesibhakabhaka.
- Umama wagqokisa uthedi izingubo zokumboza lapho ogundwe khona.

Kungani uJosh wagunda uboya bukathedi?

- Yingoba wezwa uMarie ethi uthedi usegugile.
- Yingoba wayefuna ubukeke umusha.
- Yingoba wayefuna ukwenzela udadewabo into enhle.



Ukufunda 2

Wenzani uJosh ngemuva kokugunda uthedi?

Walinda isikhathi eside ngaphambi kokuthi uMarie afike ekhaya.

Wazizwa kanjani uMarie ngenkathi ebona uthedi egundile?

Wathukuthela kakhulu!

Kungani uJosh wayezizwa edidekile?

- Yingoba wayecabanga ukuthi wenzela udadewabo into enhle.
- Yingoba wayecabanga ukuthi udadewabo wayefuna ukuthi uthedi wakhe ubukeke umusha.
- Yingoba wayecabanga ukuthi uzojabula.
- Udadewabo wayengajabulile ngendlela ayelindele ngayo - kunalokho wayethukuthele kakhulu!

INDABA 4

USWANE LWAKU-BO KATSEKO

Indikimba: Imindeni yethu



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuqonda kangcono ukuthi singazizwa sikhathazekile futhi sijabulile ngasikhathi sinye.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Abantu bangaba nemizwa eyahlukene ngasikhathi sinye.
- Inguquko ingakwethusa, ikuthokozise, noma ibe nenasasa ngasikhathi sinye. Ukuba nosana emndenini kuletha inguquko enkulu kanye nemizwa eyahlukahlukene.
- Ukukhuluma ngale mizwa kungasisiza ukuthi sizizwe singcono.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.




Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
43, 4	“Noma ngubani angadlala ngonodoli! Futhi-ke uzokwazi kanjani ukuthi wenzeni ngengane uma ungadlali ngonodoli?”	Ngingaphetha ngokuthi ugogo ucabanga kubalulekile ukuba uTseko azi ukuthi angasiza kanjani uma sekufika uswane
45, 1	Okulandelayo, ugogo ukhombisa uTseko indlela yokushintsha inabukeni. Waletha amanabukeni angusayizi okhethekile kanodoli, ukuze uTseko azilolonge ngawo!	Ngingaphetha ngokuthi ugogo unolwazi oluningi ngokunakekela ingane encane. Ufundisa uTseko ngokusebenzisa unodoli wakhe omusha.

Sekusele nje isonto ukuba kubelethwe udadewabo kaTseko omncane.



Ngezinye izikhathi, uTseko uyakhathazeka. Akakaze abe nomfowabo noma nodadewabo - nguye yedwa ingane. UTseko ukhathazwa ukuthi kuzoba njani ukuba nengane encane. Ukhathazwa ukuthi kuzoba njani ukuba nodadewabo.



Noma kunjalo, ngezinye izikhathi uTseko uzizwa ejabulile. Ujabule kakhulu ngoba ugogo uzofika azovakasha. Uyise kaTseko umtshela ukuthi ugogo uzohlala izinyanga ezintathu zonke, njengoba enza nangesikhathi kuzelwe uTseko!

“Kuyisiko elikhethekile ukuba ugogo ahlale ize iwise inkaba ingane encane!” kuchaza uyise kaTseko.

“Ngikhumbula usuku eyawa ngalo eyakho inkaba, ungathi bekuyizolo ngiqinisele.”



Ngesikhathi uTseko noyise behlangana nogogo esikhumulweni samabhasi, uTseko uyajabula. Ugijima ayokwanga uninakhulu.

“Tseko wami othandekayo! Awujabulile yini ngokuthi usuzoba ubhuti omdala?” kubuza ugogo.

“Angazi,” kusho uTseko. “Angazi ukuthi kufuneka ngenzeni ngengane.”



Ngenkathi befika ekhaya, ugogo abize uTseko.

“Nginesipho sakho esikhethekile!” kusho yena. Akhiphe unodoli wengane epotimendeni awunikeze uTseko.

“Bengicabanga ukuthi onodoli ngowamantombazane kuphela!” kusho uTseko edidekile.

“Yisidala leso,” kusho ugogo ehleka. “Noma ngubani angadlala ngonodoli! Futhi-ke uzokwazi kanjani ukuthi wenzeni ngengane uma ungadlali ngonodoli?”



Okokuqala, ugogo utshengisa uTseko ukuthi lubanjwa futhi lushushuzelwa kanjani uswane.

Kufanele wenze isiqiniseko sokubamba uphakamise ikhanda loswane, ngoba intamo ayikabi namandla!” kusho ugogo.



Okulandelayo, ugogo ukhombisa uTseko indlela yokushintsha inabukeni. Waletha amanabukeni angusayizi okhethekile kanodoli, ukuze uTseko azilolonge ngawo!

“Kumele wenze ngokushesha nangokucophelela uma ushintsha inabukeni, ngoba izingane ziyanyakaza futhi ziyakhala!” kusho ugogo.



Emuva kwalokho, ugogo wabe esekhombisa uTseko ukuthi lusongwa kanjani uswane ngengubo. Izinswane zithanda ukusongwa ziqiniswe uma zisencane kakhulu,” kusho ugogo.



Ugogo noTseko bayazilolonga.

“Usuzoba ngubhuti omdala,” kusho ugogo emamatheka.

UTseko useyazi ukuthi kufanele ajabule manje, kodwa selokhu enokukhathazeka okuncane.

“Gogo, ungathini uma umama engathanda ingane encane ngaphezu kwami?” kubuza uTseko. Asuke ugogo ange uTseko.

“Sinothando olwanele nina nobabili. Ungalokothi uzikhathaze ngalokho nakancane!”



Kusukela ngaleso sikhathi, uTseko wajabula.





Ukufunda 1

Ngubani owavakashela uTseko?

Ugogo wakhe weza ukuzovakasha.

Sipho sini ugogo asiphathela uTseko?

Wamphathela unodoli.

Kungani ugogo aphathela uTseko unodoli omusha?

- Yingoba wayefuna nje ukuphathela uTseko isipho.
- Yingoba onodoli abakanoma ngubani - hhayi amantombazane kuphela.
- Yingoba wayefuna ukukhombisa uTseko indlela yokunakekela uswane.
- Yingoba ukudlala ngonodoli iyona ndlela yokufunda ukunakekela uswane.
- Yingoba wayefuna uTseko azilolongele ukunakekela uswane.



Ukufunda 2

Uzohlala isikhathi esingakanani ugogo?


Uzohlala izinyanga ezintathu.

Ugogo kaTseko wamkhombisa ukwenzani?

- Wamkhombisa indlela yokwenza lokhu:
- Ukuphatha nokushushuzela uswane.
- Ukulushintsha inabukeni.
- Ukugoqa uswane ngengubo.

Kungani uTseko ajabula ekugcineni kwendaba?

- Yingoba wayesekhululeke kakhulu ngokunakekela uswane.
- Yingoba wayesekwazi ukunakekela uswane manje.
- Yingoba wayesezizwa sengathi uzokuba ngubhuti omdala ofanelekile manje.
- Yingoba wayengasakhathazekile ngokuthi unina nogogo bazothanda ingane encane ngaphezu kwakhe.



INDABA 5 INCWADI KANHLAKANIPHO ENTSHA

Indikimba: Siyafunda



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuqonda kangcono ngokudumazeka.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Izincwadi zingasiyisa ezindaweni esingakwazi ukuzivakashela empilweni.
- UNhlakanipho ufunda ukubekezela nokuba nomqondo omuhle uma izinto zingeyikho abekulindele.
- Incwadi yakhe entsha ingsiza ukuba nomqondo osabalele ngezinto ezehlukene.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
56, 1	“Lokhu akujabulisi!” kucabanga uNhlakanipho. Waphumela phandle wayodlala. Wayegijimisa uvemvane olwalundiza emoyeni.	Ngingaphetha ngokuthi uNhlakanipho akayijabulelanga kangako incwadi yakhe ekuqaleni. Akayibuki nakuyibuka kunalokho uphumela ngaphandle uyodlala.
62, 1	Ekugcineni wabheka ngaphansi kombhede. “Yo!” kubabaza yena. “Bengicabanga ukuthi isilahlekile!”	Ngingaphetha ngokuthi uNhlakanipho useyayithanda incwadi yakhe manje, ngoba useyethuka uma engayitholi.



Ubabekazi kaNhlakanipho wabavakashela emuva kweholidi lakhe. Ngenkathi ubabekazi kaNhlakanipho esezohamba, wamunikeza iphakethe elincane elinsundu.

“Ngicishe ngakhohlwa!” kusho yena, “ngikuthengele lokhu.”

Wanikeza uNhlakanipho iphakethe elincane elinsundu elineribhoni eliluhlaza okotshani.





UNhlakanipho wabeka
iphakethe phezu kombhede
wakhe. Wacabanga ngamapeni
amibalabala ayewabone
ezitolo ehamba nonina.



Wacabanga ngephazili
kamzala wakhe uLebo.

Ekugcineni,
walivula iphakethe.
Ngaphakathi
kwakukhona incwadi
encane.





“Lokhu akujabulisi!”
kucabanga uNhlakanipho.
Waphumela phandle
wayodlala. Wayegijimisa
uvemvane olwalundiza
emoyeni.

Wabuka indiza phezulu,
wazibuza ukuthi ingabe
iyaphi.



Wacingana namatshe
osebeni lomfula.



Wayesezwa iconsi lemvula maphakathi namehlo akhe.
UNhlakanipho wabheka phezulu. Amafuyemnyama
futhi egqunqile.

Wagijimela phakathi endlini. Imvula yaqala ukuna
ngamandla kakhudlwana.



UNhlakanipho waya ekamelweni lakhe. Wakhumula izimpahla zakhe ezimanzi, wagqoka ezomile. Wahlala embhedeni wakhe wabuka imvula eyehlayo. Walalela ukuduma kwezulu.





Kusenjalo, wayesebona incwadi phezu kombhede wakhe. Kwakukhona isithombe somhlaba ekhaveni. Wayesefunda isihloko, “ Emhlabeni Jikelele”.



UNhlakanipho wavula ikhasi lokuqala. Kwakukhona isithombe samaphiramidi namakameli. “Ngifuna ukuya khona!” kucabanga yena, “e-Egypt efunda.



UNhlakanipho wavula ikhasi elilandelayo. Wafunda amagama athi, “New York”, wabuka nezithombe. Kukhona izibani nezimoto yonke indawo. Wayengakaze azibone izakhiwo ezinde ngale ndlela.




Ekhasini elilandelayo, wabona intaba iKhilimanjaro, intaba ende kunazo zonke ezwenikazi lase-Afrika.



UNhlakanipho wayifunda incwadi waze wazumeka.
Incwadi yayilokhu isezandleni zakhe.

Ngalobo busuku, uNhlakanipho waphupha esendizeni
enkulu ngokudlulele.



Ngenkathi uNhlakanipho evuka, incwadi yayingasekho esandleni sakhe. “Iphi incwadi yami?” kucabanga yena. Wabheka ngaphansi kwezingubo. Ayikho incwadi. Wabheka phezu kwetafula eduze kombhede wakhe. Ayikho incwadi. Ekugcineni wabheka ngaphansi kombhede. “Yo!” kubabaza yena. “Bengicabanga ukuthi isilahlekile!”





UNhlakanipho wapholisha izicathulo zakhe wayesepakisha isikhwama sezincwadi. Wafaka incwadi yakhe entsha esikhwameni sakhe. Nokho wayeseshintsha umqondo. “Ngifuna ukubamba incwadi yami ukuze ngikwazi ukuyibona,” kucabanga uNhlakanipho.

Endleleni eya esikoleni uNhlakanipho wayelokhu ephenqa amakhasi, ezama ukuthola ukuthi yiliphi angalikhombisa abangani bakhe kuqala.





Ukufunda 1

Ngubani owathengela uNhlakanipho incwadi entsha?

Ngubabekazi owamthengela incwadi entsha.

Yiziphi izindawo uNhlakanipho azibona encwadini yakhe entsha?

Wabona i-Egypt, iNew York, kanye neNtaba iKhilimanjaro.

Yashintsha kanjani imizwa kaNhlakanipho ngencwadi yakhe entsha?

- Ekuqaleni, wayengajabule kangako ngencwadi.
- Ngenkathi eseyifunda incwadi, wayithanda! Wazizwa eyijabulela incwadi ngenkathi eyibuka.
- Ekugcineni kwendaba, uthanda le ncwadi kangokuba usefuna ukuhamba nayo aye esikoleni.



Ukufunda 2

Waphuphani uNhlakanipho?

Waphupha indiza – eyayifana nalena esencwadini!

Ucabanga ukuthi uNhlakanipho wazizwa kanjani ngenkathi ecabanga ukuthi incwadi yakhe ilahlekile?

Ngicabanga ukuthi uNhlakanipho wazizwa...

Kungani ungaphetha ngelokuthi uNhlakanipho wagcina eseyithanda incwadi yakhe entsha?

- UNhlakanipho wayelokhu ephenqa amakhasi.
- UNhlakanipho wazumeka ephethe incwadi ezandleni zakhe.
- UNhlakanipho waphupha ngencwadi. Konke akubona encwadini yakhe entsha akuphumi emqondweni wakhe.
- UNhlakanipho wethuka ngenkathi ecabanga ukuthi incwadi yakhe ilahlekile.
- UNhlakanipho wanquma ukuphatha incwadi yakhe esikoleni. Akafuni ukuyifaka esikhwameni sakhe.
- UNhlakanipho wayefuna ukuphatha incwadi yakhe ukuze ezokwazi ukukhombisa abangani bakhe zonke izindawo ezijabulisayo encwadini.
- UNhlakanipho ucabanga ngencwadi yakhe endleleni eya esikoleni.

INDABA 6

UMUSA UJWAYELA UKUFUNDA

Indikimba: Siyafunda



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuqonda kangcono ukuthi ukufunda kungabanzima kwabanye abafundi. Uma benobunzima, ababodwa. Uma bebona abanye benobunzima, kufanele babe nomusa.



Amanyane amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ebangeni lokuqala, sijwayela ukufunda ngokuzifundisa imisindo nokuyihlanganisa ukwakha amagama.
- Ukujwayela ukufunda kuthatha isikhathi, futhi kungaba nzinyana kwabanye abafundi.
- Kwesinye isikhathi abafundi baba namahloni noma ukuphoxeka uma besazejwayeza ukufunda ngenkathi abanye sebefunda kahle.



Isu lokuqondisisa: Buza imibuzo / Zibuze

- Kuyini: Ukucabanga nokubuza imibuzo mayelana nendaba ngenkathi ufunda.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuhlala unentshisekelo nokuthola kabanzi njengoba ufunda.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kukusiza ukuthi uqonde kangcono indaba. Kukusiza ukuthi wenze izibikezelo ngalokho okungenzeka endabeni.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
68, 1	UMusa wenza sengathi udinga indlu yangasese, wabe esebaleka ephuma ekilasini.	Ngiyazibuza kungani uMusa wabaleka waphuma ekilasini. Ngiyacabanga kungoba akakwazi ukufunda imisindo, futhi akafuni abanye bazi ngalokhu.
70, 1	“Kuzothiwani, kuzothiwani, kuzothiwani...”	Ngiyazibuza kungani uMnu. Langa efuna ukukhuluma noMusa? Kuzofanele ngiqhubeke nokufunda ukuze ngiphenduleke.

Ngesikhathi uMusa eqala isikole, wayesithanda kakhulu. Wayemthanda uthisha wakhe, uMnu. Langa. Wayebathanda abangani bakhe, uLihle kanye noBonga. Wayekuthanda ukulalela izindaba.


Nokho, kamuva uMusa wayengasasithandi kakhulu isikole. Wayesamthanda uMnu. Langa. Wayesabathanda oLihle noBonga. Wayesakuthanda ukulalela izindaba. Nokho uMusa wayezizwa esaba usuku lonke esikoleni ngoba wayengakwazi ukufunda. Ekuqaleni, kwakungekho izingane ezazikwazi ukufunda izinhlamvu zemisindo; babembalwa ababekwazi ukufunda amagama abo. Nokho, manje uMusa wayezibona sengathi nguye yedwa owayengakwazi. “Ngizokwenzani uma ngigcine ngingakwazi ukufunda?” kubuza uMusa ngokukhathazeka. “Ingabe kukhona yini okuthile okungalungile ngami? Kungathiwani, kungathiwani, kungathiwani...?”




Ngolunye usuku uMnu. Langa wabiza uMusa ukuthi azofunda imisindo. Ngokujwayelekile uMusa wayethanda ukubizwa, kodwa hhayi kulokhu. Wayengayazi imisindo. UMusa wenza sengathi udinga ukuya endlini yangasese, wase ephuma ngejubane ekilasini.



Ngesonto elilandelayo uMnu. Langa wabiza uMusa ukuthi eze phambili azofunda amagama avamile angalolo suku. Ngokuvamile, uMusa wayethanda ukuya phambili ekilasini, hhayi kodwa kulokhu. Wayengawazi amagama avamile. UMusa wenza sengathi isisu sakhe sasibuhlungu, wayesebeka ikhanda lakhe phezu kwedeski, ezama ukuzigulisa.



Emuva kwesonto elilodwa, uMnu. Langa wabiza uMusa ukuba azokhuluma naye ngesikhathi sekhefu. UMusa wadla ukudla kwakhe kancane. Wayecabanga izinto eziningi. “Ngizothini uma uMnu. Langa engithethisa? Kuzothiwani uma engitshela ukuthi ngiyisilima? Kuzothiwani, kuzothiwani, kuzothiwani...?”



Ekugcineni uMusa wahamba wayohlala phansi ngasetafuleni likaMnu. Langa amehlo akhe ewambele phansi.

“Kwenzenjani?” kubuza uMnu. Langa ngomusa.

UMusa wabheka phezulu, emangele. UMnu. Langa wayemoyizela.

“Ngibone sengathi unenkinga ngemisindo nangokufunda amagama avamile. Ungakhathazeki; sifunda ngezindlela ezahlukahlukene,” kusho uMnu. Langa ngomusa.

“Kodwa... yimi ngedwa! Kuzothiواني uma ngehluleka ukufunda!” kuphendula uMusa.

“Cha, akuwena wedwa! Kunabanye abafundi abazizwa njengawe. Sizoba neqembu elikhethekile ndawonye. Ngaleyo ndlela ngizokwazi ukukusiza ukufunda imisindo kanye namagama avamile.”



Ngakusasa, ngemuva kokuphuma kwesikole, uMusa wasala ekilasini lakhe ngenkathi abanye beya emakhaya. Wabheka eduze kwakhe. UKhaya kanye noNtokozo babesele nabo. Wababuka emoyizela.



UMnu. Langa wababizela kukhaphethi ongaphambili. Wabakhombisa imisindo emithathu: /m/ /p/ kanye no-/a/. Bazilolonga ngokufunda le misindo izikhathi ezimbalwa. Ngemuva kwalokho, wayesebeka imisindo phansi kukhaphethi. “Musa, ungayisebenzisa yini imisindo ukwakha igama elithi “ma”?” kubuza uthisha.



UMusa wayeyazi le misindo. Waqala wathatha umsindo “m” wawufunda. Ngemuva kwalokho, wathatha ikhadi lika-”a” wayesefunda umsindo /a/. Wayesebeka u-”a” eduze kuka-”m”. Ngemuva kwalokho wayesesho igama: /-ma/.

“Uyakwazi ukufunda!” kusho uMnu. Langa ejabule kakhulu.



Ekugcineni kwesifundo, uKhaya, uNtokozo kanye noMusa bagijima kanye kanye baqonda enkundleni yezemidlalo. Badlala kwaze kwaphuma uthishanhloko ehhovisini lakhe ebatshela ukuthi mabaye emakhaya kungaze kushone ilanga.



Ngenkathi eya ekhaya, uMusa wayechichima injabulo. “Kungaba njani nje uma ngingaba umfundi obedlula bonke ekilasini? Kungaba njani uma ngingathola abangani abasha? Kungenzekani, kungenzekani, kungenzekani...?” wazibuza ngenhliziyo.





Ukufunda 1

Wahlangana nini uMnu. Langa noMusa kanye nabanye abafundi ababedinga usizo olwengeziwe?

Wahlangana nabo ngemuva kokuphuma kwesikole.

Ngobani abanye abafundi ababedinga usizo ngokufunda?

UKhaya kanye noNtokozo nabo babedinga usizo ngokufunda.

Kungani uMusa wayengasasithandi isikole?

- Ngoba wayengakwazi ukufunda.
- Ngoba wayezizwa enokwesaba usuku lonke esikoleni ngokuthi wayengakwazi ukufunda njengabanye abafundi.
- Ngoba wayekhathazekile ngokuthi angeke aze akwazi ukufunda.
- Ngoba wayekhathazekile ngokuthi kukhona okungalungile ngaye ekilasini lakhe.
- Ngoba wayecabanga ukuthi uMnu. Langa uzomthethisa uma ethola ukuthi akakwazi ukufunda.
- Ngoba wayecabanga ukuthi nguye yedwa umfundi owayengakwazi ukufunda.



Ukufunda 2

UMusa wayecabanga ukuthi uMnu. Langa uzophatheka kanjani uma ethola ukuthi uMusa akakwazi ukufunda?

Wayecabanga ukuthi kungenzeka athukuthele.

Ucabanga ukuthi uMusa usezizwa kanjani ngesikole manje?

Ngicabanga ukuthi usezizwa ... ngoba ...

Ucabanga ukuthi kungani uMnu. Langa wayefuna ukubona uMusa emuva kokuphuma kwesikole?

- Ngoba wayefuna ukunika uMusa usizo olwengeziwe.
- Ngoba wayebona ukuthi uMusa wayenamahloni. Wayengafuni ukuthi abanye abafundi baqaphele ukuthi uMusa (noKhaya kanye noNtokozo) babenenkinga yokufunda.
- Wayefuna ukunika abafundi abanenkinga yokufunda isikhathi sokuthi abanake ngokugcwele.
- Wayefuna ukuthi uMusa, uKhaya kanye noNtokozo babone ukuthi bangakwazi ukufunda!



INDABA 7

UBHITHRUDI

OMKHULU KAKHULU

Indikimba: Sixoxa izindaba



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eLimpopo, eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bathokozele ukufunda izindaba.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Umlimi uBaloyi usebenzisa bonke abantu nezilwane zasepulazini lakhe ukusiza ekuvuneni ubhithrudi.
- Kulungile ukucela usizo. Ukusebenza njengeqembu kususiza ukwenza izinto ezinkulu esingenakuzifeza sodwa.



Isu lokuqondisisa: Buka ngeso lengqondo

- Kuyini: Ukwakha isithombe emqondweni ngalokho okwenzekayo endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwenza indaba izwakale iyikho futhi ibe nentshisekelo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza uqonde ukuthi abalingiswa nezindawo babukeka kanjani futhi kwenza indaba ibonakale icace bha.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
83, 1	Umlimi uBaloyi wadonsa, wadonsa ephindelela. Lutho ubhithrudi omkhulu ukuphuma.	Ngiyamubona ngamehlo engqondo umlimi uBaloyi udonsa ephindelela. Ngiyamubona eswaca. Uqala ukujuluka!
86, 1	Umlimi uBaloyi noMama Rhandu noNsovo kanye nenja bawudonsa ubhithrudi. Badonsa bephindelela. Hhaya nokho ubhithrudi omkhulu awuzange uphume!	Ngiyayibona ngamehlo engqondoinja igwavuma ngokudumala njengoba idonsa iphindelela.

Umlimi uBaloyi wayehlala epulazini lakhe elihle eVenda, nomkakhe, uMama Rhandu. Lo mlimi wayejabulile ngoba umhlabathi wasepulazini lakhe wawunothile, futhi ngalowo nyaka nemvula yayiyinhle. Umlimi uBaloyi noMama Rhandu babeneme kakhulu ngesivuno sabo.



Ngelinye ilanga umlimi uBaloyi wayehamba engadini yakhe yemifino. “Sesifikile isikhathi,” kusho umlimi uBaloyi. “Ngizovuna imifino yami.”

Umlimi uBaloyi wakhipha ubhithrudi. Wakhipha wena mazambane. Wakhipha izaqathi. Waphinda wakhipha ubhithrudi. Kodwa-ke ubhithrudi owodwa wawungafuni ukuphuma! Kwakungubhithrudi omkhulu kakhulu. Wayengakaze awubone ubhithrudi omkhulu kangaka!



Umlimi uBaloyi wadonsa, wadonsa ephindelela. Lutho ubhithrudi omkhulu ukuphuma.

“Ngidinga usizo,” kusho umlimi. Wacela umkakhe, uMama Rhandu.



Umlimi uBaloyi kanye noMama Rhandu badonsa ubhithrudi omkhulu. Badonsa, badonsa bephindelela. Nokho ubhithrudi omkhulu awuzange uphume!

“Sizodinga usizo,” kusho uMama Rhandu. Wabiza uNsovo, indodana yakhe.



Umlimi uBaloyi noMama Rhandu kanye noNsovo bawudonsa ubhithrudi. Badonsa baphindelela. Kodwa-ke lutho ubhithrudi omkhulu, awuzange uvume ukuphuma!

“Sizodinga usizo,” kusho uNsovo. Wayesebizainja yakubo.



Umlimi uBaloyi noMama Rhandu noNsovo kanye nenja
bawudonsa ubhithrudi. Badonsa bephindelela. Hhayi
nokho ubhithrudi omkhulu awuzange uphume!

“Sizodinga usizo,” kushoinja. Yase ibiza ikati.



Umlimi uBaloyi noMama Rhandu noNsovo nenja kanye
nekati bawudonsa ubhithrudi. Badonsa bephindelela.
Kodwa-ke ubhithrudi omkhulu awuzange uphume!

“Sizodinga usizo,” kusho ikati. Lase libiza igundane.



Umlimi uBaloyi noMama Rhandu noNsovo nenja
nekati kanye negundane bawudonsa ubhithrudi
omkhulu.

Badonsa bephindelela waze W-A-P-H-U-M-A...



Phumiyane ubhithrudi omkhulu kakhulu!

“Ngiwukhiphile!” kumemeza igundane. “Ngikhiphe ubhithrudi omkhulu kakhulu!”



Ngalobo busuku, wonke umuntu epulazini waba nedili
lemifino. Njengoba bedla, babenza amahlaya futhi
behleka ubhithrudi omkhulu kakhulu negundane
elinamandla!





Ukufunda 1

Yini eyayibambeke emhlabathini?

Ubhithrudi omkhulu kakhulu.

Ngubani owasiza ukukhipha ubhithrudi?

Umlimi uBaloyi, uMama Rhandu, uNsovo,inja, ikati kanye negundane.

Buka bonke abalingiswa ngeso lengqondo bedonsa bephindelela. Ucabanga ukuthi kwakuyigundane ngempela elakhipha ubhithrudi emhlabathini? Kungani usho njalo/ kungani ungavumi?

- Ngicabanga ukuthi kwakuyigundane elincane ngoba wonke umuntu wadonsa, wadonsa, kodwa waze waphuma ngenkathi sekusiza igundane.

NOMA

- Angicabangi ukuthi kwakuyigundane lodwa ngoba wonke umuntu wayedonsa. Kwakuwukudonsa kwawo wonke umuntu ndawonye lokhu okwenza ukuthi ubhithrudi ugcine uphumile!



Ukufunda 2

Wayejatshuliswe yini umlimi uBaloyi?

Ngoba umhlabathi wasepulazini lakhe wawunothile, kanti nemvula yayiyinhle.

Ucabanga ukuthi abalingiswa bazizwa kanjani ngenkathi bekipha ubhithrudi?

Ngicabanga ukuthi babezizwa...

Kungani kuyihlaya ukwenza sengathi uyalibona igundane lidonsa ubhithrudi omkhulu kakhulu?

- Ngoba umlimi onamandla akakwazanga ukuwudonsa.
- Ngoba abantu abadala ababili abakwazanga ukuwudonsa.
- Ngoba umlimi uBaloyi, noMama Rhandu, noNsovo, nenja nekati abakwazanga ukuwukhipha bebonke! Ngakho igundane elincane lingakwenza kanjani lodwa?
- Ngoba ubhithrudi mkhulu kakhulu kunegundane elincane kakhulu!



INDABA 8 KUNGANI ILAMA LIHLALA ENDAWENI EPHAKEME

Indikimba: Sixoxa izindaba



Imininingwane yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu yaseMelika.
- Yenzeka esikhathini samanje kanye nasemandulo.
- Le ndaba izosiza abafundi baqonde kahle incazelo yenganekwane nokubaluleka kokuyixoxa.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kwezinye izingxenye zaseNingizimu yaseMelika, uboya belama busetshenziswa ukwenza izingubo ezifudumele, njengezigqoko namajezi.
- Kule ndaba, ugogo kaGenoveva umxoxela inganekwane — indaba eyenzeka kudala mayelana namalama asendulo.
- Izinganekwane zixoxwa ukuze zifundise izifundo noma zichaze izinto ezithinta umhlaba.



Isu lokuqondisisa: Qapha ukuqonda

- Kuyini: Ukuhlola ukuthi uyakuqonda yini okufundayo, bese uyama uma kukhona okungacaci.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqaphela uma ungakuqondi kahle, bese ulungisa lokho ngokushesha.
- Kusiza kanjani: Kugcina umfundi ebambe iqhaza futhi kuthuthukisa ukuqondisisa ngokulungisa okungaqondakali ngesikhathi sokufunda.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
101, 1	Umelusi wasondela kumalama. “Kungani nizila ukudla nibheke phezulu esibhakabhakeni?” kubuza umelusi. “Onkulunkulu basitshela ukuthi kuzoba nozamcolo onamandla ozojezisa abantu abayiziminzi nabangenawo umusa ezigodini eziphansi. Silindele imiyalelo yokuthi sigcine abantu abahlala ezindaweni eziphakeme abaphanayo nabanomusa bephephile,” kuphendula ilama.	Ngidinga ukucabanga ngalokhu. Ingabe ngiyaqonda kahle ukuthi ilama lisiza kanjani? Yebo, liyaxwayisa ngezikhukhula. Ngizizwa ngikulungele ukuqhubeka nokufunda.

UGenoveva wayehleli phansi, ehehekile ngenkathi uninakhulu ephotha iwuli eyenza intambo. “Ukwenza kanjani lokhu?” ebuza ngokumangala.

“Okhokho bethu babesebenzisa uboya bamalama ukusigcina sifudumele kusukela endulo. Ugogo wangifundisa ukuphotha ngiseyintombazanyana,” kuphendula uninakhulu, “kungekudala nawe ngizokufundisa.”

“Ngiyacela bandla, ngixoxele indaba ngamalama akudala,” kuncenga uGenoveva.

“Ngikuxoxele futhi?” kubuza uninakhulu ehleka, evula umphimbo.



Kudala kakhulu, kwakunesikhathi lapho abanye okhokho bethu bakhohlwa ngonkulunkulu. Bakhohlwa ukubonga ku-Inti noMama Quila, unkulunkulu weLanga kanye nonkulunkulukazi weNyanga ababebanika imini nobusuku. Bakhohlwa ukubonga kuPachamama, unina woMhlaba, owayebanika isivuno esikhulu. Ngesikhathi esinzima, abantu baba nomona abangaba nomusa kwabanye.



Yinye indawo emhlabeni wonke lapho abantu ababekhumbula khona onkulunkulu. Leyo ndawo kwakuseziqongweni eziphakeme zezintaba zase-Andes. Lapha-ke, abantu babehlala bebonga, bephana, benomusa.



Ngelinye ilanga, abantu ababehlala ezinkangala baqaphela ukuthi amalama ayenza okungajwayelekile. Kunokuthi adle njengokujwayelekile, wonke amalama achitha imini nobusuku egqolozele phezulu esibhakabhakeni. Amalama awazange adle. Amalama awazange aphuze. Lokhu kwenzeka izinsuku eziningi.



Abantu abahlala eziqongweni eziphakeme
bakhathazeka ngempilo yamalama abo ayigugu.
Bahlangana ndawonye ukuzoxoxa ngabazokwenza.

“Kwenzekani ngamalama ethu?” kubuza indoda
ngokudangala.

“Ngikhathazekile ngokuthi azobulawa yindlala!” kusho
omunye.

“Sizozigcina kanjani sifudumele ngaphandle kwewuli
evela kumalama ethu ayigugu?” kubuza isalukazi.

“Sizoyithwala kanjani ikhwinowa isuka emasimini
ngaphandle kosizo lwamalama?” kubuza umfana
omncane.

Abantu babekhathazekile, bebuza, belangazelele
ukubona amalama ebuyela esimweni esijwayelekile.



Ekugcineni, umelusi ohlakaniphile wama.
Waphakamisa izandla zakhe ethulisa isixuku. “Kumele
sibuze amalama ukuthi konakele kuphi,” kusho yena.

Abantu esixukwini baqale bahleka. Akekho
owayecabanga ngesixazululo esilula kanje.



Umelusi wasondela kumalama. “Kungani nizila ukudla nibheke phezulu esibhakabhakeni?” kubuza umelusi.

“Onkulunkulu basitshele ukuthi kuzoba nozamcolo onamandla ozojezisa abantu abayiziminzi nabangenawo umusa ezigodini eziphansi. Silindele imiyalelo yokuthi sigcine abantu abahlala ezindaweni eziphakeme abaphanayo nabanomusa bephephile,” kuphendula ilama.



Ngosuku olulandelayo, umelusi ohlakaniphile wamemezela izindaba ezazivela kumalama. Wahlanganisa abantu ababehlala ezindaweni eziphakeme, wathi, “Kuza uzamcolo onamandla kakhulu. Ukuze siphephe, kufanele siye emgedeni ophakeme esiqongweni esiphezulu kakhulu. Kufanele silinde lapho kuze kuphele uzamcolo.”



Ngakho-ke, bonke abantu abalungile basezindaweni eziphakeme, kanye namalama bagibela baya emgedeni ophakeme esiqongweni esiphezulu. Bafika ngesikhathi esifanele. Ngakusasa ekuseni, igagasi elikhulu lafika lakhukhula bonke abantu abangalungile.

Kuze kube namuhla, amalama asazikhumbula lezo zikhukhula ezimbi. Yingakho ekhetha ukuzihlalela ezintabeni eziphakeme.



Ugogo waqukula uGenoveva owayesezunywe
ubuthongo ekhona lapho phansi, wamubeka
embhedeni wakhe.





Ukufunda 1

Ingabe yenzeka kuphi le ndaba?

Indaba yenzeka ePeru noma eBolivia, lapho amalama edabuka khona.

Yiziphi ezinye zezinto ezisiza abantu ezenziwa amalama?

- Amalama anikeza abantu iwuli ebagcina befudumele.
- Athwala izinto ezisindayo.

Kungani abantu abasendabeni babekhathazeka ngenkathi amalama enza okungajwayelekile?

- Ngoba abantu bayawathanda amalama abo futhi abafuni ukuthi kwenzeke okubi kuwo.
- Ngoba amalama enza izinto eziningi ezibalulekile emiphakathini aphila kuyo kanti nabantu bayawadinga!
- Ngoba abantu bakhathazekile ngokuthi impilo yabo ingaba njani uma amalama engasekho.
- Ngoba abazi ukuthi bangazigcina kanjani befudumele ngaphandle kwamalama.
- Ngoba abazi ukuthi bazozithwala ngani izivuno emasimini ngaphandle kwamalama.



Ukufunda 2

Ngokwale nganekwane, kungani amalama encamela ukuhlala ezindaweni eziphakeme?

Ingoba akhumbula izikhukhula ezafika zathatha bonke abantu abangalungile.


Ingabe uyithandile le nganekwane? Kungani noma kungani kungenjalo?

Ngiyithandile/ angiyithandanga le nganekwane ngoba...


Kungani ugoto kaGenoveva amxoxela le ndaba?

- Ingoba uGenoveva wamcela ukuthi amxoxele le ndaba.
- Ukufundisa uGenoveva ngamasiko noma ngokhokho bakhe.
- Ukufundisa uGenoveva ngokubaluleka kwamalama.





ITHEMU 2



IBALAZWE LASENINGIZIMU AFRIKA



Ucwaningo
lukaLimani



iNyakatho Kapa



UZweli uzizwa
ekhathazekile



iNtshonalanga Kapa

Ulwandle lwe-
Atlantic





iLimpopo



Ungamniki
amashibusi
uLomusa



UDan
unesonto
elibi

iNyakatho-
Ntshonalanga

iGauteng

iMpumalanga

iFree State

KwaZulu-
Natal



UWayde
wenza
isitshulu



iMpumalanga Kapa

Inqaba
yesihlabathi
kaMbuso

Ulwandle
lwaseNdiya

IBALAZWE LOMHLABA





i-Asia



iYurophu



i-Afrika



Ulwandle
lwaseNdiya



i-Australia

Ulwandle
lwePacific



i-Antarctica

ITHEMU 2 IZINDABA



1. UWayde wenza isitshulu

113



2. Ungamniki amashibusi uLomusa

127



3. Inqaba yesihlabathi kaMbuso

143



4. Inkomo neMusi

157



5. UDan unesonto elibi

169



6. UZweli uzizwa ekhathazekile

185



7. Umjovo wokugoma wokuqala

199



8. Ucwangingo lukaLimani

209

INDABA 1

UWAYDE WENZA ISITSHULU

Indikimba: Ukudla esikudlayo



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ubaqonde ukuthi izithako zingaguquka indlela ezinambitheka ngayo nezibukeka ngayo uma seziphekiwe. Singaguqula imiqondo yethu ngokudla esikuthandayo nesingakuthandi uma sinomqondo ovulekileyo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ukhari yinhlobo yokudla eyenziwa ngezinongo, inkukhu noma imifino, ngokuvamile notamatisi kanye nobisi lukakhukhunathi.
- Utamatisi oluhlaza ubukeka futhi unambitheka ngokwehlukile kunophekiwe.
- Uma utamatisi ufakwe esitshulwini, angeke uwubone – ubukeka njengesobho.
- Ngesinye isikhathi sizinqumela ukungayithandi into singakayizami. Uma sesiyizama, singaguqula umqondo wethu – uma umqondo uvulelekile.



Isu lokuqondisisa: Buza Imibuzo / Zibuze

- Kuyini: Ukucabanga nokubuza imibuzo mayelana nendaba ngenkathi ufunda.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuhlala unentshisekelo nokuthola kabanzi njengoba ufunda.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kukusiza ukuthi uqonde kangcono indaba. Kukusiza ukuthi wenze izibikezelo ngalokho okungenzeka endabeni.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
123, 2	“Yingakho bengingazi – awubukeki njengotamatisi uma usuphakathi kwesitshulu!” kucabanga yena.	Ngiyazibuza ingabe uWayde usazosidla isitshulu njengoba esazi ukuthi sinotamatisi na?
125, 1	Besimnandi. “Mhlawumbe akukhona ukuthi angiwuthandi utamatisi,” kusho uWayde, ephinda edla esinye isipuni.	Ngiyazibuza ingabe uWayde usezoguqula umqondo mayelana nokudla utamatisi njengoba esazi ukuthi uyisithako esitshulwini – esiwukudla akuthandayo!

UWayde wayelokhu ekuzonda ukudla utamatisi.
“Ngeke ngize ngiwudle utamatisi!” kusho yena
ngesikhathi unina ethatha ithini likatamatisi
eshalofini elifaka enqoleni yokuthenga esitolo.



“Ungangisiza yini ukupheka isitshulu?” kubuza unina kaWayde ethulula izinto ayezithengile.

“O, yebo! Ngiyasithanda isitshulu!” kuphendula uWayde. Wayezobe eqala ukusiza unina ngokupheka isitshulu.



“Kufanele siqale ngokuthosa zonke izinhlamvu zezimbewu ezomile epanini,” kuchaza unina kaWayde. “Izinongo yizo ezenza isitshulu sibe mnandi kakhulu! Bala izinhlamvu ezinhlanu zecardamom,” eyalela uWayde.

UWayde wathatha izinhlamvu ezinhlanu zecardamom ngaphakathi kwesiqukathi wazibeka phezu kwetafula. Unina wazigaya wazifaka epanini elishisayo, wazifaka ndawonye nezinhlamvu zecoriander kanye necumin. Ikhishi lagcwala iphunga elimnandi.



Unina kaWayde wafaka zonke izinhlamvu zezimbewu phakathi kwesigqulo wathi uWayde akasebenzise isigxisho ukugaya izinongo ukuze zibe uphawuda.



Unina kaWayde wayesethela amafutha epanini lokuthosa. Lapho amafutha eqala ukubila eveza namagwebu, wafaka amaqatha enkukhu phakathi kwamafutha.

“Ngicela ungicwecwele ujinja?” kusho yena, enika uWayde umshini wokucwecwa kanye nocezu lwejinja esabuya engadini.



UWayde wayecwecwa ngenkathi unina eqoba ugaliki no-anyanisi.

Masinyane, inkukhu yase ivuthiwe. Isikhumba sayo sasibukeka siklamuzela futhi sinsundu. Isisu

sikaWayde saqala ukwenza umsindo. Unina kaWayde wafaka amaqatha enkukhu epuletini. “Ekugcineni sizophindisela lokhu esitshulwini,” kuchaza yena.



Unina kaWayde wayesefaka
u-anyanisi nogaliki epanini
elishisayo. Wavumela uWayde
ukuthi asebenzise ukhezo
lokhuni olude ukugoqoza
ndawonye u-anyanisi nogalikhi.



Emva kwemizuzu embalwa, wafaka izinongo, ujinja
kanye namanzi amancane phakathi kwepani. Igumbi
lanuka kamnandi kakhulu ngokudlulele manje.
Umlomo kaWayde waqala waconsa amanzi.



Unina kaWayde wasusa ipani esitofini wafaka inhlanganisela yezinongo emshinini wokuxuba. Wayesethi uWayde akacindezele inkinobho yomshini wokuxuba ukuze izinongo zibe yinhlama. Unina kaWayde waphindisela inkukhu epanini. Wayesefaka inhlama evela emshinini wokuxuba.

“Sengilambe kakhulu!” kusho uWayde ekhotha izindebe zakhe. “Angisakwazi nokulinda ukuthi ngidle isitshulu sethu esimnandi kakhulu!”



Unina kaWayde wayesevula ithini likatamatisi.

“Okwani-ke lokho?” kubuza uWayde. “Angiwuthandi utamatisi! Asikwazi ukufaka utamatisi esitshulwini!” kusho uWayde emangele.

Unina kaWayde wahleka. “Wayde ubulokhu usithanda isitshulu – futhi isitshulu besilokhu sifakwa utamatisi,” kusho yena. UWayde wabuka ngokumangala unina efaka utamatisi epanini.



Ekugcineni, unina kaWayde wavula ithini lobisi kakhukhunathi. “Ungathanda ukuthela lokhu phakathi kwesitshulu?” kubuza yena. UWayde wathela ubisi lukakhukhunathi. Wabuka uketshezi olumhlophe lumboza utamatisi.



“Yingakho bengingazi – awubukeki njengotamatisi uma usuphakathi kwesitshulu!” kucabanga yena.

Unina kaWayde wabeka isivalo phezu kwepani wehlisa umlilo. “Kufanele kubile kancane. Ngizokubiza uma sekulungile,” kusho yena.

Njengoba uWayde wayenza umsebenzi wakhe wesikole wasekhaya, isisu sakhe sasenza umsindo nomlomo wakhe wawuconsa amathe. “Kodwa isitshulu sinotamatisi! Ngizokwazi kanjani ukusidla? Angiwuthandi utamatisi!” kucabanga uWayde, edidekile.



“Wayde, woza uzozwa isitshulu!” kusho unina ekugcineni embiza, emnikeza isitsha. UWayde wayesezama ngokungabaza. Kodwa lapho ezwa isitshulu ngolimi lwakhe, ubuso bakhe bagcwala injabulo. Besimnandi. “Mhlawumbe akukhona ukuthi angiwuthandi utamatisi,” kusho uWayde, ephinda edla esinye isipuni.





Funda1

Yikuphi ukudla athi uyakuzonda uWayde ekuqaleni kwendaba?

UWayde wathi akawuthandi utamatisi.

Yisiphi isithako uWayde asithela epanini emuva kokufaka utamatisi?

Wafaka ubisi lukakhukhunathi epanini.

Washintsha kanjani uWayde phakathi nendaba?

- Wayecabanga ukuthi akawuthandi utamatisi, kodwa ekugcineni wabona ukuthi wawungemubi kangako.
- Wayethe angeke awudle utamatisi, kodwa wasidla isitshulu esasinotamatisi.
- Wayengeke asidle isitshulu, kodwa wanquma ukuthi asidle.
- Washintsha umqondo wakhe ngotamatisi.



Funda2

Yini uWayde ashintsha umqondo wakhe ngayo?

Washintsha umqondo wakhe ngokudla utamatisi.

Kwakunini lapho washintsha khona umqondo wakho ngento ethile, njengo Wayde?

Ngashintsha umqondo wami nge...

Ucabanga ukuthi kungani unina kaWayde amcela ukuthi amsize ngokupheka isitshulu?

- Mhlawumbe yingoba wayefuna amsize ngokupheka.
- Mhlawumbe yingoba wayefuna uWayde azi izithako ezifakwa esitshulwini.
- Mhlawumbe yingoba uWayde wayethanda ukudla isitshulu, ngakho wayefuna azi ukuthi senziwa kanjani.
- Mhlawumbe yingoba wayecabanga ukuthi uWayde uzoshintsha umqondo wakhe ngotamatisi uma esazi ukuthi utamatisi wawukhona esitshulwini sakhe asithandayo.
- Mhlawumbe wayecabanga ukuthi kuzohlekisa uma uWayde ebona utamatisi ukuthi nawo ungezinye zezithako zokudla kwakhe akuthanda kakhulu – noma ayengathandi ukuwudla!

INDABA 2

UNGAMNIKI

AMASHIBUSI ULOMUSA



Indikimba: Ukudla esikudlayo



Imininingwane
Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukufunda kabanzi ngokudla okunempilo nokungenampilo.



Amanye amaphuzu
okwabelana nabafundi
bakho

- Okunye ukudla kunambitheka kamnandi kodwa akunikezi imizimba yethu lokho ekudingayo ukuze ikhule iqine.
- Isibonelo, amashibusi awukudla okuyisnekh okucutshunguliwe. Enziwe anambitheke kamnandi. Anosawoti namafutha amaningi. Awasisizi ukuba sikhale sisuthi isikhathi eside.
- Okunye ukudla, njengamaqanda, inhlanzi kanye namantongomane, kunamaprotheni. Iprotheni isakhamzimba esikokunye ukudla esisiza ukwakha izicubu futhi sisigcine sisuthi isikhathi eside.
- Kufanele sicabange ngokudla esikudlayo ukuze imizimba yethu ithole izakhamzimba ezidingayo ukuze ihlale inempilo futhi iqinile.



Isu lokuqondisisa: Buka ngeso lengqondo

- Kuyini: Ukwakha isithombe emqondweni ngalokho okwenzekayo endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwenza indaba izwakale iyikho futhi ibe nentshisekelo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza uqonde ukuthi abalingiswa nezindawo babukeka kanjani futhi kwenza indaba ibonakale icace bha.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
130, 1	“Umnikezelani lokho?” kwasho u-Anti Sophia	Ngiyambona ngeso lengqondo u-Anti Sophia ebukeya emangele ngenkathi ubaba kaLomusa emnikeza iphakethe lamashibusi.
132, 2	Kusenjalo, kwadlula amantombazane amabili avela eBangeni 4 adlula ehleka futhi ebambe amakhala awo. “Unuka kabi!” kwamemeza enye intombazane. ULomusa wayibuyisela ngokushesha inhlanzi esikhwameni sakhe.	Ngiyambona ngeso lengqondo uLomusa ezama ukufihla inhlanzi yakhe ngokushesha! Kufanele ukuba uzizwa enamahloni.

ULomusa waya ekhishini, eselungele ukuya esikoleni. Uyise wayehlezi etafuleni nodadewabo, owayevakashile evela eMaputo. Ubaba kaLomusa wabuka iwashi, 'Sekuyisikhathi sokuthi uhambe!' esho. Wavula ikhabethe wayesenikeza uLomusa iphakethe lamashibusi asawolintshi.



‘Umnikezelani lokho?’ kwasho u-Anti Sophia. ‘Luis uyazi ukuthi lokhu akunampilo!’ Ubaba kaLomusa wabuka udadewabo, ngokumangala.

‘Kodwa abantwana bayawadla!’ esho.

‘Cha Luis! Kufanele unike uLomusa ukudla okulula okunamaphrotheni! Okuzokwenza ukuthi akwazi ukugxilisa kangcono ingqondo ekilasini. Kanti kuzomenza azizwe esuthi isikhathi eside!’

‘Manje, asinakho ukudla okulula okunjalo!’ kuphendula ubaba kaLomusa.



U-Anti Sophia wathatha isikhwama sakhe wakhapha isikhwama sepulastiki esasinenhlanzi eyomisiwe. 'Lokhu kumnandi kanti kunempilo!' kwasho u-anti, enikeza uLomusa iphakethe wase emthatha amashibusi.



Ngesikhathi sekhefu, uLomusa wakhipha iphakethe lakhe lenhlanzi waqala walidla. ‘Mmhh! Kwaze kwamnandi,’ ecabanga.

Kusenjalo, kwadlula amantombazane amabili ayefunda iBanga 4 ehleka futhi ebambe amakhala awo. ‘Unuka kabi!’ kumemeza oyedwa wala mantombazane. ULomusa washeshe waphindisela inhlanzi phakathi kwesikhwama sakhe.



Emuva kokuphuma kwesikole, uLomusa waphindisela inhlanzi encane eyomisiwe ku-Anti Sophia. ‘Amanye amantombazane athe ngiyanuka ngenkathi ngidla lokhu. Angisaphinde ngiyiphathe futhi esikoleni.’



Ngokusa okulandelayo, uLomusa wacela uyise ukuthi amnikeze amashibusi azowaphatha esikoleni. Wavula ikhabethe wamnikeza iphakethe.




‘Umnikezeleni lokho?’ kusho u-Anti Sophia.

‘Ngikutshelile Luis ukuthi lokhu akunampilo! Kufanele unikeze uLomusa ukudla okulula okunamaphrotheni!’

U-Anti Sophia wabheka yonke indawo ekhishini.

Kwakukhona ibhodwe esitofini elinamaqanda abilisiwe. ‘Amnandi amaqanda abilisiwe! Kanti futhi anempilo!’ kwasho u-Anti, enikeza uLomusa iqanda wase ethatha amashibusi.



Ngesikhathi sekhefu, uLomusa wacwecwa iqanda lakhe waqala walidla, ‘Mmhh laze lamnandi,’ ecabanga.

Kodwa abafana ababili beBanga 5 badlula behleka benza nomsindo wokukhwehlela. ‘Kunuka kabi lokho!’ kumemeza omunye wabafana. ULomusa waphindisela iqanda phakathi kwesikwama sakhe.



Emuva kokuphuma kwesikole, uLomusa waphindisela amaqanda ku-Anti Sophia. 'Abafana bathe ngiyanuka ngenkathi ngidla lokhu,' kusho uLomusa. 'Angisaphinde ngiwaphathe amaqanda abilisiwe esikoleni.' Kusho uLomusa. Wayesegijimela phandle wayodlala.



Emuva kwemizuzu embalwa, u-Anti Sophia wabiza uLomusa. ‘Lomusa, ukudla kahle kubalulekile!’ esho u-anti. ‘Inhlanzi namaqanda akulungele. Azokwenza umzimba wakho uqine aphinde enze ukwazi ukugxilisa umqondo! Kodwa, ngiyaqonda ukuthi ukuhleleka kunzima. Masithole ukudla okulula okunamaphrotheni okungenalo iphunga,’ kusho u-Anti Sophia.



‘Angaba njani amantongomane?’ kubuza u-Anti Sophia, ebheke egcekeni. ‘Abazali bakho banezihlahla eziningi zamantongomane egcekeni, futhi-ke akulungele.’

‘O yebo!’ kusho uLomusa. ‘Ngiyawathanda amantongomane kanti awanalo iphunga! Ngizophatha amantongomane esikoleni, bese ngidla amaqanda nenhlanzi ekhaya. Ngiyabonga Anti!’



Ngosuku olulandelayo ngesikhathi sekhefu, uLomusa wakhupha isikhwama sakhe samantongomane waqala wawadla. Wabheka yonke indawo, ngokwesaba. Kodwa, akekho noyedwa owamsukela ngenkathi edla amantongomane akhe amnandi.





Funda1

U-Anti Sophia uthi kufanele adleni uLomusa?

Uthi kufanele adle amaphrotheni.

Yini u-Anti Sophia ayithatha kuLomusa?

Wathatha iphakethe lamashibusi.

Yimaphi amaphrotheni atshalwe egcekeni lakubo kaLomusa?

Amantongomane!

UniGabona ngeso lengqondo uLomusa ngesikhathi sekhefu? Kungani uLomusa engasafuni ukuphatha inhlanzi noma amaqanda esikoleni?

- Ngoba bayamsukela.
- Ngoba akasafuni ukuphatha ukudla okuzokwenza bamsukele uma ekudla.
- Ngoba abanye abantwana bahlekisa ngenhlanzi kanye namaqanda ngoba kunephunga.
- Ngoba uyadumala uma bemsukela.



Funda2

Yikuphi ukudla okuthathu okusendabeni okunamaphrotheni?

Inhlanzi eyomisiwe, amaqanda kanye namantongomane.

Yikuphi ukudla okwenza ukuthi uLomusa asukelwe?

Inhlanzi eyomisiwe kanye namaqanda.

Ucabanga ukuthi uLomusa uzizwa kanjani uma bemsukela?

Ngicabanga ukuthi uLomusa uzizwa...

Bona ngeso lengqondo uLomusa edla amantongomane ngesikhathi sekhefu! Kuyini okwenza uLomusa anqume ukuphatha amantongomane njengokudla okulula kwakhe ekugcineni ?

- Ngoba amantongomane awanalo iphunga.
- Ngoba babemsukela uma ephethe inhlanzi noma amaqanda. Wayengafuni ukuphinde aphaathe lokho kudla okulula, noma kunempilo.
- Ngoba abazali bakhe banezihlahla zamantongomane egcekeni.
- Ngoba uthanda amantongomane.
- Ngoba ulalela u-anti wakhe waphinde waqonda ukuthi kufanele adle ukudla okulula okunamaphrotheni kunamazambane athosiwe!



INDABA 3

INQABA

KAMBUSO

Indikimba: Abangane bethu



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda uma into ingahambi kahle, bangakhetha ukuzama futhi.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Le ndaba yenzeka ebhishi.
- Ibhishi kulapho umhlaba uhlangana khona nolwandle. Umhlaba uvalwe isihlabathi. Amagagasi amanz'olwandle ahamba phakathi nangaphandle phezu kwesihlabathi. Abantu bathanda ukudlala esihlabathini futhi babhukude emanzini.
- Into eyodwa abantu abathanda ukuyenza ebhishi ukwakha izinqaba zesihlabathi.
- Abantu basebenzisa amabhakede kanye namafoholo ukwakha izinqaba zesihlabathi. Abantu baphinde basebenzise izinto ezitholakala ebhishi, njengamagobolondo kanye nezinti, ukuhlobisa izinqaba zabo.
- Umsele umgodi ozungeze inqaba. Kudaladala, izinqaba zangempela zazinemisele egcwele amanzi evikela izitha zingangeni. UMBuso ukopisha lowo mbono ngomsele wenqaba yesihlabathi.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
148, 1	Ngenkathi befika ebhishi, uMbuso waqala ukumba. Wafaka isihlabathi ethungeni elisha. Ngemuva kwalokho, wasebenzisa ithunga lakhe ukwenza imibhoshongo yezinqaba. Wasebenzisa izinti ukwenza amafulegi phezu kwemibhoshongo. Wasebenzisa amagobolondo amhlophe ukwenza amafasitela. Wamba umsele wazungeza inqaba ngaphandle. Wase ewugcwalisa ngamanzi osolwandle.	UMbuso ubonakala ewuchwepheshe. Ngingaphetha ngokuthi akuyona inqaba yesihlabathi yokuqala lena ayakhile, ngoba uyakwazi okufanele akwenze.
152, 4	Wayesenikeza uMbuso inhlanzi esankanyezi ephelele ebukhwebezane “Ngikulethele lokhu. Ngizoxolisa...” washo njalo.	Ngingaphetha ngokuthi intombazane enebhola eliphuzi ibingaqondanga ukubhidliza inqaba kaMbuso yokuqala, ngoba yabuya nesipho ukuzoxolisa.

Kusukela ngesikhathi unina kaMbuso amtshela ukuthi bazoya ebhishi ngamaholide asehlobo, konke ayecabanga ngakho kwakungukwakha inqaba yesihlabathi.


UMbuso wacabanga ngokwakha izinqaba zesihlabathi ezinhle. Wacabanga ukwakha izinqaba ezizungezwe yimisele egcwele amanzi asolwandle.



UMbuso nonina bahamba bayothenga zonke izinto ababezozidinga ebhishi. Ngesikhathi besalindile emgqeni wokukhokha, uMbuso wabona ithunga nefosholo. “Mama, ngicela ungithengela,” wancenga, “Ngiyacela! Ngiyacela!”



Ngakusasa, uMbuso nonina bavuka ekuseni bahamba baya esikhumulweni samatekisi. Bahamba amahora amaningi, kwaze kwaba yilapho uMbuso ebona ulwandle buqamama!



Ngenkathi befika ebhishi, uMbuso waqala ukumba. Wafaka isihlabathi ethungeni elisha. Ngemuva kwalokho, wasebenzisa ithunga lakhe ukwenza imibhoshongo yezinqaba. Wasebenzisa izinti ukwenza amafulegi phezu kwemibhoshongo. Wasebenzisa amagobolondo amhlophe ukwenza amafasitela. Wamba umsele wazungeza inqaba ngaphandle. Wase ewugcwalisa ngamanzi osolwandle.



UMbuso wamela kude ebuka umsebenzi wakhe omuhle. Waphenduka wabiza unina. “Mama!” kumemeza uMbuso. “Woza uzobona!” UMbuso waphenduka ngesikhathi ebona intombazane ikhahlela ibhola layo eliphuzi liya enqabeni yakhe. Bhu phansi yonke inqaba.



Intombazane yaphenduka yabaleka. UMbuso wasala nendunduma enkulu yesihlabathi.

“Hhayi bo!” kumemeza uMbuso, “Ubhidlize inqaba yami!” Nokho intombazane ayizange ibheke emuva. Yamane yagijima yabheka ezansi nebhishi.




UMbuso wagijima waya kunina. “Leya ntombazane ibhidlize yonke inqaba yami!” kusho uMbuso.

“Kahle, masakhe enye,” kusho unina. UMbuso nonina baqala ukumba esihlabathini. Basebenzisa ithunga ukwakha imibhoshongo. Bakha imibhoshongo eminingi kunaleyo uMbuso ayeyakhile kuqala. Basebenzisa izinti ukwenza amafulegi.

Amafulegi ayemakhulu kunenqaba kaMbuso yokuqala.

Bathola amagobolondo amakhulu amhlophe okwenza amafasitela. Base bamba umsele ozungeza inqaba ngaphandle. Umsele wawujule kakhulu kunowokuqala. Basebenzisa ithunga ukugcwalisa umsele ngamanzi asolwandle. Ngemuva kwalokho, bakha ibhuloho eliwelela ngaphesheya komsele.



UMbuso nonina bamela kude bebuka umsebenzi wabo.

“Ehhe, le nqaba yesihlabathi ingcono kuneyakho yokuqala!” kusho izwi lentombazane.

UMbuso waphenduka. Intombazane yebhola eliphuzi imi ngemuva kwakhe.

Yase inika uMbuso inhlanzi esankanyezi enhle ebukhwebezane. “Ngikuthengele lokhu. Ukuze ngithi ngibonise ukuthi ngiyaxolisa.” kusho intombazane.



UMbuso wabeka inhlanzi esankanyezi phezu kwenqaba yesihlabathi. “Lapho,” esho, “manje isiyinqaba yesihlabathi ekhethekile njalo!”

Intombazane yamamatheka yavuma nangekhanda. “NginguPrecious,” kusho intombazane izazisa. “Ungangikhombisa ukuthi yakhiwa kanjani inqaba?” kucela, intombazane. Yabeka phansi ibhola layo.



“Okokuqala masigcwalise ithunga ngesihlabathi!”

kusho uMbuso. UMbuso noPrecious baqala ukumba. UPrecious wakha umthamo omkhulu wesihlabathi ngeshofolo kwaphuma inkalankala encane! UPrecious wayesaba, kodwa uMbuso wayecabanga ukuthi iyahlekisa! Ngokushesha uPrecious naye waqala wahleka. Ngokuphazima kweso nje abangani abasha basebeziginqa esihlabathini behleka.

Bakhohlwa konke ngokwakha izinqaba begijimela ukuyogeza emagagasini.



“Yini oyijabulele kakhulu ngosuku lwanamuhla?”
Kubuza unina kaMbuso ngokuhlwa kwalolo suku.

“Empeleni, ukwakha inqaba yesihlabathi bekumnandi.
Nokho okube mnandi kakhulu kube ukwakha ubuhlobo
noPrecious,” kusho uMbuso emamatheka. “Ave
sengijahile ukumbona ebhishi kusasa!”





Funda1

Ngubani owabhidliza inqaba kaMbuso?

NguPrecious.

Kungani singaphetha ngelokuthi uPrecious wazisola ngezenzo zakhe?

Kungoba wathengela uMbuso inhlanzi esankanyezi.

Kungani unina kaMbuso amsiza ngokwakha inqaba yesihlabathi?

- Kungoba inqaba yakhe yokuqala yabhidlizwa.
- Kungoba wayephatheke kabi ngemuva kokubhidlizwa kwenqaba yakhe yesihlabathi.
- Kungoba wayefuna ukumenza azizwe ngcono.
- Kungoba abantu ababili bangenza okungcono kunomuntu osebenza yedwa.



Funda2

Yini uMbuso ayefuna ukuyenza ebhishi?

Wayefuna ukuyokwakha izinqaba zesihlabathi.

Yini uMbuso ayijabulela kakhulu ebhishi?

Wajabulela ukuthola umngani onguPrecious.

Kungani ucabanga ukuthi into ayithanda kakhulu uMbuso ebhishi kwakungukuthola ubungani kuPrecious?

- Kungoba kuyajabulisa ukuba nomngani omusha.
- Kungoba bekujabulisa ukwakha inqaba yesihlabathi naye kunokuyakha eyedwa noma ukuyakha nonina.
- Kungoba kuyajabulisa ukuhleka noPrecious. Kungoba bekujabulisa ukudlala noPrecious kunokwakha izinqaba zesihlabathi.

INDABA 4

INKOMO NEMUSI



Indikimba: Abangane bethu



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eVermont, izwe eliyinxenye ye-United States of America.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukufunda kabanzi ngezinhlobo ezahlukeni zobungane – nobungane obungejwayelekile phakathi kwenkomo nemusi.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Le ndaba isethwe eVermont, izwe elincane e-United States. IVermont idume ngezintaba ezinhle, usiraphu we-maple, kanye namapulazi obisi.
- Kule ndaba, uzofunda ngenkomo, isilwane osijwayele, kanye nemusi.
- Kungenzeka awukaze uzwe ngemusi ngaphambilini! Amamusi atholakala kuphela eNyakatho yaseMelika. Afana nezinyamazane ezinkulu.
- Izinkomo zivamise ukuhlala emapulazini. Amamusi avamise ukuhlala esigangeni – kude nabantu.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
160, 2	Nangempela, imusi elinemilenze emide nenxakanxaka yezimpondo lama edlelweni. “Lenzani imusi lapha?” kwamangala uMlimi u-Abbott.	Ngingaphetha ngokuthi kuyinto engavamile ukubona imusi, ngoba uMlimi u-Abbott akakaze ayibone ngaphambili.
161, 1	Iningi zezinkomo zakhe zazihlala buqamama kakhulu kunemusi, zibukeka zifisa ukwazi futhi zithukile. Zonke ngaphandle kwaleyo ayeyithanda kakhulu, inkomo enobungani kakhulu, uDaisy. Wahamba waqonda ngqo emusini. Babukana bobabili njengabangani bakudala. Kanjalo, baqala ukudla omunye eceleni komunye. UMlimi u-Abbott akawakholwanga amehlo akhe.	Ngingaphetha ngokuthi akujwayelekile inkomo nemusi zenze ubungani, ngoba eziningi zezinkomo zazihlala kude kakhulu nemusi futhi ngoba uMlimi u-Abbott wayengawakholwa amehlo akhe!

Ngolunye usuku ekuseni kakhulu kwakunenkungu. UMlimi u-Abbott wayeshayela endleleni engena kwakhe. Wabuka izinkomo zakhe ezazidla emadlelweni ayembozwe yiqhwa. Wema ngokushesha ngesikhathi ebona into angavamile...



“Ingabe lena... imusi?” esho ngokuphimisela, nakuba wayeyedwa. Wayengakaze ayibone imusi epulazini lakhe ngaphambili, kanti kwakunenkungu eningi ngakho-ke wayengenasiqiniseko. Waphuma emotweni waya ngasocingweni.

Nangempela, imusi elinemilenze emide kanye nezimpondo ezinkulu lalimi edlelweni lakhe. “Lenzani imusi lapha?” kumangala umlimi u-Abbott.



Iningi lezinkomo zakhe zahlalela buqamama
nemusi, zibonakala zimangele futhi zethukile.
Zonke ngaphandle kwentandokazi yenkomo yakhe
eyayisiwumngane kuye, uDaisy. Wahamba waqonda
ngqo kulo imusi. Babukana njengabangane bakudala.
Base beqala ukudla besondelene. UMlimi u-Abbott
akazange awakholwe amehlo akhe.



Umlimi u-Abbott waphindela emotweni yakhe waya endlini yakhe. Ngenkathi engena ngaphakathi, wabeka isihlalo sakhe esinyakazayo ngaphambi kwefasitela. Wayelokhu esinyakazisa ebuka imusi kanye nenkomo zidla ndawonye kwaze kwashona ilanga.



Ngenkathi izinkomo zingena esibayeni, imusi lema ngaphandle libukeka lilangazelela kodwa lingabaza. Ekugcineni imusi lalala phansi eduze nesibaya. Ngemva kwalokho, uDaisy naye walala phansi eduze kwalo. Ngokushesha, uDaisy nemusi base bezumekile! UMlimi u-Abbott akazange awakholwe amehlo akhe.



Ngenkathi uMlimi u-Abbott evuka esihlalweni sakhe esinyakazayo, wabuka ngokungakholwa njengoba imusi kanye noDaisy babehamba bonke kancane eduze nocingo. UMlimi u-Abbott wamomotheka ecabanga ukuthi kazi bakhuluma ngani.



UMlimi u-Abbott wagibela ugandaganda wakhe waqhubeka nemisebenzi yakhe yasekuseni. Okokuqala, waya kosenga izinkomo esibayeni. Wasuka lapho waphakela izinkukhu ukudla. Kodwa endleleni yakhe eyochelela utshani, wabona imusi noDaisy ezansi nomgwaqo omkhulu.



Ngenkathi esondela nogandaganda wakhe, wabona izimoto eziningi zima eduze ncingo. Isixuku sabantu sasimile sibuka ngokujabula uDaisy kanye nemusi. Kungekudala kwafika imoto yabezindaba yama ithwebula abangane abangajwayelekile. UMlimi u-Abbott akazange awakholwe amehlo akhe.

“Sekuyisikhathi eside kangakanani laba ababili bengabangane?” kubuza intatheli ngokulangazelela kuMlimi u-Abbott.



Ngokuhlwa uMlimi u-Abbott wabeka isihlalo sakhe esinyakazayo phambi kukamabonakude. Ngesikhathi sezindaba kwaboniswa ipulazi lakhe. Inkomo uDaisy kanye nemusi baba yizihlabani! UMlimi u-Abbott akazange awakholwe amehlo akhe.

Waba nethemba lokuthi imusi kanye noDaisy bazoba ngabangane unomphelela.





Funda1

Obani ababa abangane kule ndaba?

Inkomo uDaisy kanye nemusi baba abangane.

Yini eyayenziwa inkomo uDaisy kanye nemusi ndawonye?

- Badla ndawonye.
- Balala ndawonye.
- Bahamba eduze ncingo ndawonye.

Kungani uMlimi u-Abbott engazange awakholve amehlo akhe?

- Yingoba wayengakaze abone imusi epulazini lakhe.
- Yingoba wayengakaze ezwe ngobungane phakathi kwenkomo nemusi.
- Yingoba wayemangele ukuthi inkomo uDaisy kanye nephiva babelele ndawonye ngaphandle.
- Yingoba abantu abaningi babema babuke inkomo uDaisy kanye nemusi.
- Yingoba ipulazi lakhe lalisezindabeni.



Funda2

Imusi akusona isilwane saseNingizimu Afrika. Yisiphi isilwane salapha eNingizimu Afrika ebesingeke sijwayeleke ukuthi sibe umngani nenkomo?

Ngicabanga ukuthi i... kungaba isilwane esingajwayelekile ukuthi sibe umngane nenkomo.

Kungani ungaphetha ngokuthi akwejwayelekile ukuba inkomo kanye nemusi zibe abangane?

Ngingaphetha ngalokhu ngoba...

- UMlimi u-Abbott akazange awakholve amehlo akhe
- UMlimi u-Abbott wayebheke lokhu ekuseni nasebusuku
- Isixuku sabuthana ukuzobukela abangane abangajwayelekile
- Ubungani benkomo kanye nemusi babusezindabeni

Kungani inkomo uDaisy kanye nemusi babesezindabeni?

Yingoba abantu babemangele ukubona inkomo kanye nemusi ziba abangane.

Yingoba akuvamile ukubona inkomo kanye nemusi ziba abangane.

Yingoba abantu abaningi babebuthakasela lobu bungane obungavamile.

INDABA 5

UDAN UNESONTO ELIBI

Indikimba: Sinemizwa



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi ukuqonda wonke umuntu uyawenza amaphutha, futhi amanye amasonto ezwakala enzima kunamanye.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Le ndaba ifanele ibe ngehlekisayo. Ifanele ukwedlulisa umlayezo obalulekile kodwa isenze sihleke futhi.
- Khumbuza abafundi siza esikoleni phakathi nesonto (uMsombuluko, uLwesibili, uLwesithathu, uLwesine, uLwesihlanu). Asiyi esikoleni ngempelasonto (uMgqibelo neSonto).
- Nsuku zonke zesikole, silandela inqubo.
- Isibonelo, siyavuka, sigqoke, sipakishe izikhwama zethu, bese siza esikoleni ngesikhathi.
- Ukuhleleka kubiza ukuzijwayeza. Akulula ngaso sonke isikhathi.
- Le ndaba inephethini – kulokhu kwenzeka into efanayo kuDan. Nsuku zonke uzama ukulungisa iphutha lakhe langosuku olwedlule, kodwa kwenzeka okungalungile okusha.



Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono indaba ngokuyixhumanisa nezinto esikade sizazi kahle.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
172, 1	Kodwa uDan bantu ushiye ubhaka wakhe ebhasini! Uma efika ekilasini, wayephethe nje ibhola lakhe likanobhutshuzwayo.	Ngingenza ukuxhumana! Kunjengasemasontweni ambalwa adlule, ngenkathi ngishiye isikhwama sami ekhaya! Ngazizwa ngingasile ngokushiya yonke into engiyidingayo ekhaya!
174, 1	NgoLwesithathu, uDan wavuka ngesikhathi. “Akufanele ngikhohlwe isikhwama sami namuhla,” wacabanga esho eyongena ebhasini. Wasibambisisa isikhwama sakhe indlela yonke. Lahamba! Lahamba! Wo hhe! uDan wayegibele ibhasi okungelona. Ibhasi lamyisa esikoleni okungesona.	Ngingenza ukuxhumana! Ngake ngaba sesitimeleni ngafikelwa ubuthongo. Ngenkathi ngivuka, ngangiseqile isiteshi sami. Ngangisendaweni okungeyona! Ngazithukuthelela kabi ngokuba sendaweni okungeyona!

UDan wenkosi waba nesonto elibi. Wephuza ukuvuka ngoMsombuluko. Washiywa yibhasi, wafika ngemva kwesikhathi esikoleni.



“Kungani
ufika ngemva
kwesikhathi?”
kubuza uthisha
wakhe.



NgoLwesibili, uDan wavuka ngokushesha okukhulu ukuze angashiywa yibhasi futhi. Kodwa uDan wenkosi washiya ubhaka wakhe ebhasini. Uma efika ekilasini wayephethe nje ibhola lakhe likanobhutshuzwayo.






‘Siphi isikhwama sakho Dan?’ kubuza uthisha wakhe.

NgoLwesithathu, uDan wavuka ngesikhathi.

“Ngeke ngisikhohlwe isikhwama sami namuhla,”
wayecabanga ngenkathi engena ebhasini.

Wasibamba esandleni indlela yonke eya esikoleni.

Lahamba! Lahamba! Wo hhe! UDan wayegibele ibhasi
okungelona. Ibhasi lamyisa esikoleni okungesona.





“Uphi uDan namuhla?” kubuza uthisha wakhe.

NgoLwesine. uDan akawutholanga umfaniswano wakhe wesikole.

“Siyobhukuda namuhla,” kucabanga uDan.

UDan waya esikoleni egqoke izingubo zokubhukuda.





“Uphi umfaniswano wakho, Dan?” kubuza uthisha wakhe.


NgoLwesihlanu, uDan wenkosi wavuka ekuseni kakhulu. Wagqoka izingubo zakhe zesikole, wagibela nebhasi okuyilona lona. Wafika esikoleni ekuseni kakhulu, kusemnyama.

“Ekugcineni ngenze konke kahle!” wayezicabangela nje uDan. Kodwa uDan wenkosi wayekhathele impela, wozela walala ekilasini.






“Ulalelani Dan?” kubuza uthisha wakhe.



NgoMgqibelo, uDan waya esikoleni ngesikhathi, egqoke umfaniswano wakhe wesikole, ephethe ngisho nesikhwama sakhe.

“Namuhla ngizokwenza konke kahle! Ngizohlala ngiphapheme usuku lonke!” Kodwa esefikile esikoleni, wafica amasango evaliwe.



“Maye mina! Asikho isikole ngoMgqibelo!” kwasho uDan.





NgeSonto, uDan waya edilini lokugubha
usuku lokuzalwa lukamzala wakhe.
Wayejabule kakhulu, wakhubeka wawela
ekhekheni.

“Hayi bo! Laze lalibi leli
sonto!” kucabanga uDan.
“giyethemba isonto elizayo
lizoba ngcono.”





Funda1

Yini eyenzeka ukuze uDan abe nesonto elibi?

- Washiywa yibhasi wafika emva kwesikhathi.
- Wakhohlwa isikhwama sakhe.
- Waya esikoleni esingasona esakhe.
- Uthisha wakhe wamthukuthelela.
- Njl...

Wawela nini uDan ekhekheni?

Wawela ekhekheni ngeSonto, esedilini likamzala wakhe.

Kungani uDan aya esikoleni ngoMgqibelo?

- Nsuku zonke uDan wavelelwa ngokubi.
- UDan wayefuna ukuba nosuku oluhle.
- Wayefuna ukuba usuku lwakhe esikoleni lungabi namaphutha.
- UDan wayezimisele ngokuba nosuku oluhle waze wakhohlwa nokuthi asikho isikole ngoMgqibelo.



Funda2

Wayekuphi uDan ngoMgqibelo?

Wayesesikoleni!

Ungakwazi ukuxhumanisa: Kunini lapho wazizwela njengoDan?

Ngazizwela njengo Dan ngesikhathi...

Kungani isonto likaDan lalilibi kangaka?

- Akekho owabona ukuthi uDan uzama kangakanani ukwenza okuhle.
- Waqhubeka nokwenza amaphutha noma wayezama ukuwalungisa!
- Wazizwa ephoxekile.
- Wazizwa sengathi akasile.
- Wayethukuthele.

INDABA 6

UZWELI UZIZWA EKHATHAZEKILE

Indikimba: Sinemizwa



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho ukuqonda kangcono izenzo ezibonelelayo zothando nomusa zibaluleke ukwedlula izipho ezibizayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ngesinye isikhathi, sizizwela sikhathazekile ngezinto ngaphandle kwesizathu.
- Ngezinsuku zokuzalwa, sivama ukupha omunye izipho simbonisa uthando nokubonga.
- Ngesinye isikhathi sicabanga ukuthi isipho esikhulu, esibizayo yisona esingcono. Kodwa ngesinye isikhathi izipho ezikhetheke kakhulu ilezi esizenzela zona.
- Ngesinye isikhathi abantu bayakhala uma bejabule.
- Ukubonisa uthando nokunakekela akudingi imali – kuphela umzamo.



Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono indaba ngokuyixhumanisa nezinto esikade sizazi kahle.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
190, 1	UZweli walala embhedeni, enokukhathazeka. “Ngizomtholela ini umama ngosuku lwakhe lokuzalwa?”	Ngingenza ukuxhumana. Ngenkathi ngizizwa ngikhathazekile, ngivama ukuba nenkinga ukulala – njengoZweli!
191, 1	UZweli wavuka ekuseni kakhulu, ekhathazekile. Wenza izinkomishi ezimbili zetiye – enye eyakhe enye ekamama.	Ngingenza ukuxhumana! Ngenkathi ngifuna ukwenzela umuntu engimthandayo into ekhethekile, ngithanda ukubenzela isidlo. Akusona isipho – kodwa yinto engiyenzayo ukukhombisa ukukhathalela.

UZweli wavuka ezizwa omile. Inyanga ibikhanya kakhulu esibhakabhakeni ngaphandle kwefasitela lakhe.



Waphuma embhedeni wazelula. Esahamba eqonde ngasekhishini, waqaphela iphimbo likanina.

“Angikholwa ukuthi usuku lwami lokuzalwa kusasa. Isikhathi sihamba ngokushesha. Ayi-ke, ngicabanga ukuthi usuku nje njengezinye.” kwasho unina.


“Cha ngeke!” kucabanga uZweli. “Kusasa usuku lukamama lokuzalwa kepha mina anginanto ekhethekile engingamupha yona!”

Wakhohlwa nya ngendaba yengilazi yakhe yamanzi.



UZweli walala embhedeni, ekhathazekile.
“Ngizomtholelani umama ngosuku lwakhe
lokuzalwa?”

Unina uhlala emtholela into ekhethekile uma
kungolwakhe usuku lokuzalwa. Wayefuna
ukumenzela okufanayo – kodwa wayengenamali.



UZweli wavuka ekuseni, ekhathazekile. Wenza izinkomishi ezimbili zetiye – enye eyakhe enye ekanina.

Unina wangena ekhishini. “Usuku oluhle lokuzalwa!” kusho uZweli. Wayesemnikeza inkomishi yetiye.

Unina wabukeka emangele, wamamatheka.



Usuku lonke esikoleni, uZweli wayelokhu ekhathazekile. “Ngizomtholelani umama ngosuku lwakhe lokuzalwa?”

Ngesikhathi sekhefu, wakhipha isiqeshana sephepha wenzela unina ikhadi.

Ngaphakathi wabhala: “Usuku oluhle lokuzalwa, Mama. Ungumama obadlula bonke. Ngiyaxolisa anginaso esakho isipho esikhethekile. Ngifisa sengathi ngingakutholela isipho esikhulu kakhulu. Ngiyakuthanda, Othandiwe, uZweli.”





UZweli wahamba waya ekhaya, elokhu ecabanga. “Ngizomtholelani umama ngosuku lwakhe lokuzalwa?” Wazizwa edangele ngokuthi wayengenaso isipho sikanina esikhulu esikhethekile.

Kwathi uma unina efika ekhaya, wamnikeza ikhadi. Esalifunda, izinyembezi zehla emehlweni akhe.

UZweli wacabanga ukuthi udangele ngoba singekho isipho sakhe esikhulu sekhethelo. Wahamba wazilungiselela ukuyolala.



“Wenze usuku lwami lwaba ngolukhetheke kakhulu,” kusho unina emhlebeli, ehlala embhedeni kaZweli. “Ngiyabonga!”

“Kodwa... angikutholelanga isipho esikhethekile!” kuphendula uZweli.

“Awu Zweli – ungiphe into ekhetheke ukudlula noma ngabe yisiphi isipho esithengwe esitolo!” kusho unina. “Ungenzele itiye ekuseni ngenkomishi yami engiyithanda kakhulu. Wase ungenzela ikhadi elihle elinesithombe sekhethelo. Lezo yizipho ezinhle, nezidlula zonke ebengingazicela!”

UZweli wamoyizela waphefumula ngokukhululeka njengoba unina emqabula esiphongweni.





Funda1

Ubani owayekhuluma ocingweni?

Unina kaZweli owayekhuluma ocingweni.

Wamuzwa ethini umama wakhe uZweli?

Wezwa unina ethi kwakuwusuku lwakhe lokuzalwa ngakusasa.

Wamenzelani unina uZweli ekuseni?

- Wenzela unina inkomishi yetiye.

Kungani unina kaZweli wayemangele?

- Wayemangele ngoba uZweli wamenzela inkomishi yetiye.
- Wayemangele ngoba uZweli wathi 'Usuku oluhle lokuzalwa!'
- Wayemangele ngoba wayengacabanganga uZweli wayazi ukuthi usuku lwakhe lokuzalwa.



Funda2

Kungani uZweli avuka?

Wavuka ngoba wayezizwa omile.

Kungani uZweli wayengakwazi ukulala?

Wayekhathazekile. Ngenge inkathi kuba lukhuni ukulala uma uzizwa ukhathazekile.

Zipho zini uZweli azipha unina?

- Wamenzela inkomishi yetiye.
- Wamenzela ikhadi esikoleni.

Kungani uZweli wazizwela ekhathazekile?

- UZweli wazizwela ekhathazekile ngoba kwakuwusuku lukanina lokuzalwa kodwa wayengenalutho olubalulekile angamupha lona.
- Uzwele wazizwela ekhathazekile ngokuthi yini angayitholela unina ngosuku lwakhe lokuzalwa.
- UZweli wazizwela ekhathazekile ngoba wayengenayo imali yokuthengela unina isipho esikhulu, esikhethekile.
- UZweli wazizwela ekhathazekile ukuthi unina wayezophatheka kabi ngaphandle kwesipho esikhulu, esikhethekile.

INDABA 7

UMJOVO WOKUGOMA WOKUQALA

Indikimba: Senza iSayensi



**Iminingwane
Yangaphambilini**

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka eNgilandi.
- Yenzeka esikhathini esedlule – eminyakeni engaphezu kwama-200 eyadlula.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho bafunde kabanzi ngokuthuthukiswa kwemithi yokugoma, futhi babone iSayensi iyingxenye yempilo yethu yansukuzonke.



**Isu lokuqondisisa:
Hlolisisa**

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokokwakho bese uqonde indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



**Amanye amaphuzu
okwabelana nabafundi
bakho**

- Ngaphezu kweminyaka engama-200 eyadlula, isifo esibizwa ngeNgxobongo salubala izigidigidi zabantu. Abantu babengazi bangazivikela kanjani kuso futhi kwakungenamuthi wokuselapha.
- Udokotela owaziwa ngo-Edward Jenner waqaphela okuthile okungejwayelekile. Wabuza imibuzo, wavivinya umbono wakhe, wabe eseshintsha umhlaba.
- Kubalulekile ukwazi ukuthi isifo seNgxobongo saba yingozi enkulu sabulala izigidi zabantu. INgxobongo yeziNkomo yaba yisifo esiludlana esatheleleke ebantwini besondelene nezinkomo. Abasengikazi bezinkomo bajwayela ukutheleleka nalesi sifo, bengabulawa yiso. U-Edward Jenner wabona iphethini – nosayensi bajwayele ukuqala gokubona amaphethini.
- Uma uthola umgomo, umzimba wakho unikwa umthamo omncane wesifo. Umzimba wakho ufunda indlela yokulwisana naso. Kamuva, uma isifo sangempela sifika, umzimba wakho ukulungele ukulwisana naso.
- Kule ndaba, u-Edward Jenner uvivinya umgomo wakhe enganeni. Kudala, odokotela babengaqondi njalo ukuthi bangawuvivinya kanjani umbono wabo ngokuphephile, Namuhla, kunemithetho eqinile evikela abantu ngesikhathi kuvivinywa ezokwelapha.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
202, 1	Wasungula umjovo wokugoma wokuqala wokulwa nesifo esibulalayo.	U-Edward Jenner waphumelela ukuthi wenziwa kanjani umgomo ngaphambi kwabanye. Ngenza uhlobo oluthi kufanele ukuba wayengumuntu ohlakaniphile.
205, 1	Igama lomfana kwakunguJames. U-Edward wayefuna ukubona ukuthi lo mjovo omncane ungawusiza umzimba kaJames wakhe amasosha alwa neNgxobongo.	U-Edward wayenesifiso sokwazi, wajova umfana omncane ngopokisi wezinkomo. Ngicabanga ukuthi lokhu kwakuyingozi kakhulu! Wayengahle athelele uJames omncane iNgxobongo weziNkomo.

Kungenzeka ukuthi wake wagoma ngaphambilini, kodwa wake wacabanga yini ukuthi usebenza kanjani umjovo wokugoma? Uyazi ukuthi kwenzekani uma inaliti ingena engalweni yakho?

Uma uthola umjovo wokugoma, isifo esithile sifakwa kancane emzimbeni wakho. Lokhu kusiza umzimba wakho ukuthi ube namasosha owadingayo ukuze ukwazi ukulwa nesifo. Lokhu kusho ukuthi ngeke uthole leso sifo esikhathini esizayo.



Ingxobongo kwakuyisifo esasibulala izigidi zabantu emhlabeni wonke. Kodwa, lesi sifo asisekho manje, sibonga indoda eyayibizwa ngokuthi u-Edward Jenner. Wasungula umjovo wokugoma wokuqala olwa nalesi sifo!



U-Edward Jenner wayehlala eNgilandi eminyakeni engaphezu kwamakhulu amabili edlule. U-Edward waqaphela ukuthi abantu abaningi emphakathini wakubo babegula babulawe iNgxobongo. Lesi sifo sasihlasela noma ubani – abancane noma abadala, abanothile noma abampofu. Kepha, wonke umuntu wayazi ukuthi abesifazane abasebenza ngobisi – abasengikazi bezinkomo – cishe babengeke bayithole iNgxobongo. U-Edward wazibuza ukuthi kungani.



U-Edward wanquma ukuyobheka abesifazane abasebenza ngobisi. Wabona ukuthi izinkomo zinesifo esifanayo, esasibizwa ngokuthi yiNgxobongo yeziNkomo. Abesifazane abasebenza ngobisi babegula ngenxa yeNgxobongo yeziNkomo, kodwa ngaso sonke isikhathi babelulama. Emuva kwalokho, babekwazi ukuba segunjini elilodwa nomuntu oneNgxobongo, kodwa bangesuleleki ngalesi sifo esibulalayo!

U-Edward wabona ukuthi iNgxobongo yeziNkomo iyabavikela abasefazane abasebenza ngobisi. Wacabanga ukuthi ukuba neNgxobongo yeziNkomo kusiza imizimba yabo ukuba yakhe amasosha alwa neNgxobongo. Kodwa wayedinga ukuhlola lo mbono wakhe.



U-Edward wathola owesifazane owayeguliswa yiNgxobongo yeziNkomo. Wayesethatha ubovu ebhamuzeni elilodwa lakhe. U-Edward wajova ingalo yomfana owayeneminyaka eyisishiyagalombili. Igama lomfana kwakunguJames. U-Edward wayefuna ukubona ukuthi lo mjovo ungawusiza yini umzimba kaJames ukuba wakhe amasosha alwa neNgxobongo.



Ngemva kwalokho, u-Edward wafaka uJames omncane ongenayo iNgxobongo egunjini elalinabantu abaneNgxobongo. Walinda ukubona ukuthi ingabe uJames uzogula yini. Umbono ka-Edward wawuqiniso – iNgxobongo yeziNkomo encane yasiza umzimba kaJames ukuba wakhe amasosha owadingayo okulwa neNgxobongo. UJames akazange agule!



U-Edward wayesazi ukuthi umbono wakhe wawuyiqiniso – ukuba nesifo esincane nje kungasiza umzimba wakho ukuthi uzilungiselele ukulwa nokukuvikela! Sibonga umsebenzi ka-Edward Jenner, ngoba manje sesinemijovo yokugoma esivikela ezifweni eziningi ezibulalayo!





Funda1

Yini eyasungulwa u-Edward Jenner?

- Wasungula umjovo wokugoma wokuqala.
- Wasungula umjovo wokugomela ingxobongo.

U-Edward Jenner wayecabanga ukuthi yini eyayivikela abesifazane abasebenza ngobisi engxobongweni?

Wayecabanga ukuthi iNgxobongo yeziNkomo iyona eyayivikela abesifazane abasebenza ngobisi engxobongweni.

Kungani u-Edward Jenner wajova uJames ngeNgxobongo yeziNkomo?

- Ngoba wabona ukuthi omama abasebenza ngobisi bebengayitholi ingxobongo emva kokuba neNgxobongo yeziNkomo.
- Ngoba wayefuna ukubona ukuthi iNgxobongo yeziNkomo ingamvikela yini uJames engxobongweni.
- Ngoba wayefuna ukuhlola umbono wakhe.



Funda2

Iyiphi inkinga u-Edward ayefuna ukuyixazulula?

Wayefuna ukuvimbela abantu ukuthi bangaphathwa ingxobongo.

Isiphi isixazululo ayesihlola?

- Wahloa ngokujova uJames ngeNgxobongo yeziNkomo.
- Wayehlola ukuthi uJames angayithola yini iNgxobongo emva kokuthi emjove ngeNgxobongo yeziNkomo.

Ungacabangela ngokuthi ubuzokwenzenjani? Ucabangani ngesinqumo sika-Edward sokufaka uJames egunjini elalinabantu abaneNgxobongo?

- Ngicabanga ukuthi kwakungumqondo omuhle ngoba...
- Ngicabanga ukuthi kwakungumqondo ongemuhle ngoba...

INDABA 8

UCWANINGO LUKALIMANI

Indikimba: Senza iSayensi



Imininingwane Yangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eNingizimu Afrika
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde kangcono izitshalo ziyaphila futhi zidinga izinto ezithile ukuze zihlale ziphilile.



Isu lokuqondisisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda kangcono indaba ngokuyixhumanisa nezinto esikade sizazi kahle.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Izitshalo ziyaphila, njengabantu kanye nezilwane.
- Izinto eziphilayo zidinga izinto ezithile ukuhlala ziphila. Ikakhulukazi, izitshalo zidinga:
 - Umoya wokuphefumula
 - Amanzi okuphuza
 - Ukukhanya kwelanga – izitshalo ziyalisebenzisa ukwenza ukudla
 - Inhlabathi – inikeza umsoco nokusekeleka.
- Kule ndaba, uLimani wenza ucwaningo ngezitshalo zakhe.
- Ucwaningo lwakhe lwakhelwe ukusiza ukubona kwenzakalani uma isitshalo singawutholi umoya, amanzi, ukukhanya kwelanga, noma inhlabathi.
- Ufunda ukuthi njengosoSayensi, kufanele aqaphele ngokucophelela futhi abhale phansi lokhu akubonayo.
- Ucwaningo olufana nolukaLimani luyasisiza sifunde kabanzi ngomhlaba osizungezile.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Funda	Ithi
215, 2	ULimani kanye nabazali bakhe bahlela ucwaningo lwesayensi onqenqemeni lwefasitela likaLimani.	Oo! Ngingenza ukuxhumana endabeni esayifunda ngesonto eliphelile! U-Edward Jenner wenza ucwaningo naye. Abantu benza ucwaningo ukuhlola umbono nokufunda ulwazi olusha.
216, 1	“Masifake esinye sezitshalo esikhwameni sepulastiki. Kanjalo sizobona ukuthi kwenzekani uma isitshalo singatholi umoya,” kwasho umama kaLimani.	Endabeni yethu yesonto eledlule, u-Edward wenza ucwaningo ukuze athole noma umgomo wakhe wawungasebenza. ULimani wenza ucwaningo ukubona ukuthi kuzokwenzekani ngenkathi izitshalo zingatholi izinto ezehlukene ezizidingayo!

Uninalume kaLimani wamnika imbali enhle
yomklamkleshe ngosuku lwakhe lokuzalwa.
“Usiphathe kahle lesi sitshalo!” kusho yena kuLimani.
ULimani wabeka umklamkleshe wakhe etafuleni
eliseceleni kombhede wakhe.



Kodwa emuva kwamasonto ambalwa, isitshalo sasifile.

ULimani wakhiphela isitshalo sakhe ngaphandle wasikhombisa abazali bakhe. “Angiqondi, bengicabanga ukuthi benginomusa futhi ngisinakekela isitshalo sami,” kusho yena. “Kwenzekeni kuso?”



Unina kaLimani wahleka. “O, Limani! Ngiyaxolisa, bengicabanga ukuthi uyazi ukuthi zinakekelwa kanjani izitshalo. Iphutha lethu, bekufanele sikufundise ukuthi izitshalo zidingani ukuze ziphile! Izitshalo ziyaphila njengami nawe. Zidinga konke nathi esikudingayo ukuze ziphile!”

“Bengingazi ukuthi izitshalo nazo ziyizinto eziphilayo!” kusho uLimani, emangele. “Ingabe lokhu kusho ukuthi izitshalo nazo ziphefumula umoya njengathi?”

“Yebo, kunjalo,” kusho unina kaLimani. “Izitshalo nazo ziphefumula umoya, njengathi.”

“Kodwa, ngicabanga ukuthi umklamkleshe wami bewuwuthola umoya wokuphefumula,” kusho uLimani.

“Yebo, kodwa izitshalo nazo zidinga amanzi, njengathi. Zonke izinto eziphilayo zidinga amanzi. Uyichelele yini umklamkleshe?” kubuza unina kaLimani.

ULimani wanikina ikhanda lakhe. “Bengingazi ukuthi izitshalo zidinga amanzi! Kufanele ukuthi umklamkleshe wami besewome kakhulu!”

“Kuthiwani ngokudla? Thina sidinga ukudla ukuze siphile, akunjalo? Izitshalo zona yini eziyidlayo?” kubuza uLimani enelukuluku lokufuna ukwazi.

“Kunjalo, yingakho izitshalo zidinga ukukhanya kwelanga. Zishintsha ukukhanya kwelanga kube ukudla kwazo! Ucabanga ukuthi umklamkleshe wakho ubenakho ukukhanya kwelanga okwanele ukuze uzenzele ukudla kwawo?” kubuza unina kaLimani. ULimani wanikina ikhanda lakhe.

“Cha, ikamelo lami limnyama kakhulu.”

“Futhi izitshalo zidinga amavithamini kanye nezakhi, ezitholakala emhlabathini. Ngicabanga ukuthi umklamkleshe wakho ubenayo inhlabathi, kodwa ungenakho ukukhanya okwanele – ngakho kungenzeka ukuthi bewulambe kakhulu!”



“Nginombono,” kusho unina kaLimani, ephethe ithileyi elinezithombo kanye namabhojwana amancane phakathi kwalo. “Masibone ukuthi kwenzekani uma isitshalo singatholi umoya, amanzi, ukukhanya kwelanga, noma umhlabathi!” kusho yena.


ULimani kanye nabazali bakhe benza ucwaningo lwesayensi onqenqemeni lwefasitela likaLamani.



“Masifake isitshalo esisodwa esikhwameni sepulasitiki, ukuze sibone ukuthi yini eyenzekayo uma isitshalo singatholi umoya,” kusho unina kaLimani.



Unina kaLimani wasusa umhlabathi kwesisodwa isitshalo wayesesifaka ebhodweni elalingenalutho. “Lokhu kuzosibonisa ukuthi yini eyenzekayo uma isitshalo singenawo umhlabathi!” kusho yena.



“Kuzofanele sibone ukuthi yini ezokwenzeka uma isitshalo singatholi ukukhanya kwelanga!” kusho uLimani. Khona-ke, wagijimela ekhishini wabuya nephakethe elincane elinsundu. “Manje singeke sithole ukukhanya okuvela elangeni – futhi ngeke sithole nokudla esizokudla,” kusho yena, ebeka iphakethe elinsundu phezu kwesithombo esisodwa.



“Khona-ke, ngeke sibe nawo amanzi,” kusho unina kaLimani.

“Ekugcineni, sidinga esinye isitshalo esizothola zonke izinto ezidingekayo – umoya, ukukhanya kwelanga, inhlabathi kanye namanzi. Kungaleyo ndlela esingakwazi ngayo ukuqhathanisa izitshalo ezingatholi yonke into edingekayo kanye nesitshalo esithola yonke into edingekayo!” kusho unina kaLimani.

ULimani wafaka amalebula esitshalweni ngasinye.



“Ingxenye yokuba usosayensi ukubuka bese uyabhala,” kusho unina kaLimani, emnikeza ibhuku elincanyana. “Lena yijenali ekhethekile yokuthi ubuke, ubhale okubonayo!”

Unina kaLimani wamsiza ukuqala ijenali yesitshalo. “Namuhla, kufanele siqagele ngalokhu esicabanga ukuthi kuzokwenzeka esitshalweni ngasinye. Lokhu kusho ukuthi kufanele usebenzise okwaziyo ngezitshalo ukuze uqagele kahle!” kusho unina kaLimani.



ULimani waqala ukudweba, ecabanga ngokuzokwenzeka ezithonjeni zakhe ezincane.





Funda1

Yini eyenzeka ngomklamkleshe kaLimani ayewunikwe uninalume?

Umklamkleshe awunikezwe uninalume wafa.

Yini edingwa yizitshalo ukuze zikhule?

Izitshalo zidinga umoya, ukukhanya kwelanga, amanzi, kanye nomhlabathi ukuze zikhule.

Ungakwazi ukuxhumanisa phakathi kwendaba yethu yangesonto eledlule 'Umjovo wokugoma wokuqala' nendaba yethu yaleli sonto emayelana noLimani?

Ngingakwazi ukuxhumanisa. Into efanayo ngalezi zindaba ezimbili ile...

Ngingakwazi ukuxhumanisa. Bobabili U-Edward Jenner noLimani ba...



Funda2

Yini into eyodwa oyifundile ngezitshalo kule ndaba?

Ngifunde...

Ucabanga wafundani uLimani ocwaningweni lwakhe lwesayensi?

Ngicabanga uLimani wafunda ukuthi...

Ucabanga ukuthi yini engenzeka uma uninalume kaLimani angamnikeza isitshalo manje?

Ngicabanga ukuthi uma uninalume kaLimani angamnikeza isitshalo manje... ngoba...



NHLRP | National
Home Language
Reading Programme “